# *Izintshisekelo*

Asibe silokhu simile manje sisakhothamisa amakhanda ethu.

Nkosi Jesu, siyakholwa nje kuphela. Usitshele nje ukuba sikholwe nje, futhi siyakholwa manje. Futhi siKunika ukubonga nodumo ngalokho esesivele sikuzwile futhi sakubona, okugxilisa ukukholwa kwethu. SiKubonga kanjani ngelinye ithuba ukuza sikhonzise labo abadingayo. Manje ngikhuleka kuWe, Nkulunkulu, ukuba uhlangabezane nezidingo zethu kulobubusuku ngokwesethembiso saKho. EGameni likaJesu siyakucela. Amen.

2 Sijabula kakhulu kulobubusuku ngalenhlanhla yokubuyela etabernakele futhi, uku—uku...neVangeli leNkosi uJesu ovukileyo. Futhi ngithe nje ukwephuza kancane. Benginodaba oluyisigubhukane olukhethekile oluvela eMichigan khona manje. NeNkosi yenzele owesifazane into emangalisayo ngaleyonkathi. He, ukuthi Yazi kanjani konke futhi ikubeka nje...Awudingi ukuYitshela; Iyazi, Iyazi nje ukuthi kuyini. Futhi ngakho sibonga kakhulu. Abantu bashayele usuku lonke ukuba bafike lapha. Futhi, khona-ke, sibonga kakhulu ngalokho. Manje, ningayikhohlwa i...

Ngabe leteyipu ivuliwe na? [UMfowethu Neville uthi, "Leyo yiswishi yelambu lapho."—Umhl.] O, iswishi yelambu. Ngiyabona.

Ningazikhohlwa i—izinkonzo ngaleliviki elizayo, ngolwesiThathu ebusuku, nangeSonto elizayo ekuseni, nangeSonto ebusuku. Uma nikhona, kowakhelene nabo, ngiyazi bebengakujabulela ukuba nani lapha.

Futhi manje, ngikhulekeleni, njengoba ngihamba endleleni yami ngiya kwenye indawo, futhi ngethemba ukuphinde ngibuye futhi masinya.

3 Ngifuna ukunibonga nonke ngomusa wenu nezinkumbulo zalokho eningenzele khona. Nomfowethu uvele wangithumelela isudu entsha yezimpahla ovela ezansi ebandleni elincane eGeorgia. Futhi—futhi labobantu...Kuyamangalisa nje. Futhi ngifuna ukubonga labobantu abavela ezansi eKentucky, ebenginabo ngeviki eledlule eholidini. Nakho konke iNkosi eyasenzela khona lapho, esikhulu, isandla esinamandla ukuthi siMbonile, Akwenza.

4 Manje sethemba ukunibona futhi masinya impela, masinya nje lapho sengibuya ngapha, ngiya eNew York ngokomhlangano. Lokho kuseStone Church noMfowethu Vick, uqala, ngikholwa

ukuthi nguNovemba ziyishumi nambili. Futhi sizoba ngapha, izinsuku ezimbalwa ngaphambi kwesikhathi.

Bese kuthi-ke sedlulela emuva futhi, siya e—ezansi ukuya eShreveport, eLouisiana, kanye noMfowethu Jack Moore. Lokho kusekuBongeni, iviki lokuBonga, ukuba lapho eShreveport. Kusebhodini lemibiko, ngiyacabanga, emuva lapho ezimemezelweni.

5 Futhi khona-ke sethemba ukuba nabanye babangane bangaseNingizimu emva kukaKhisimuzi. Futhi siyoba sePhoenix ngoJanuwari. Bese kuthi-ke silinda ukubizwa kwaphesheya kwezilwandle, ukuze simise ngomumo imihlangano yaphesheya kwezilwandle. Basebenzela phezu kwayo manje, ngalenyanga edlule, uMfowethu Borders, ebhalelana nabo, okohambo lwezwe oluphelele ukuba luqale masinya nje njengoba singakulungiselela, kodwa sifanele silindele izimo.

6 Izixuku zinkulu kakhulu ngempela lapho, asikwazi ukuzifaka ezakhiweni; kufuneka nje zihlaliswe phandle enkundleni. Futhi khona-ke ngezinye izikhathi zikhuphuka zigijime, kucishe kungakholakali ezibalweni, ngezinye izikhathi zininga ngangezinkulungwane ezingamakhulu amahlanu. Lokho ngabantu abayingxenye yesigidi embuthanweni owodwa qhwaba; kungesikho ukuthi bangaki owethamelayo umhlangano ezinsukwini ezingaka, kodwa umbuthano owodwa. Niyazi, ngokwejwayelekile abavangeli ubala ukuthi bangaki abantu abethamela emavikini ayisithupha. Niyabo? Kodwa si—sibala nje ukuthi bangaki olapho ngalelolanga, lesosikhathi esisodwa. Futhi ngakho ngezinye izikhathi akukho ndawo yokubahlalisa, niyazi, ufanele nje ubakhiphele enkundleni.

Futhi sifanele sithole izikhathi zonyaka lapho lingani khona futhi lithululela phansi imvula. Futhi labobantu abampofu bahlala phandle lapho . . . Ngiye ngabona abesifazane behlezi phandle lapho izinwele zabo nje ziyabhuzela zabheka phansi, abantu abagqoke kahle, futhi nje—futhi nje bahlale kuleyomvula usuku lonke golokonqo. Bahlale nje lapho, futhi liyithulula nje, futhi liduma, nombani, neziphepho siphephula, futhi bona nje beyamana emuva naphambili omunye nomunye kanjalo, behlezi khona lapho, balinde uze ufike uzobakhulekela. Niyabo? Manje, niyazi uNkulunkulu uyakuhlonipha ukukholwa okunjalo. Uyakwenza.

7 Ufanele wenzele uNkulunkulu okuthile ukuba uhloniphe. Niyabo? UyaMkhombisa. Abantu abanakho konke abanikezwa khona kalula kabi, abavamisile . . . A—abakwenzeli lutho, niyabo. Ufanele u . . . Isipho singesihle, yiqiniso lelo, kodwa uye wa—ufanele u . . .

8 Kubonakala kunjalo, niyazi, njengoba bethi, "Uma wazalwa nesipunu sesiliva," nikuzwile lokho, "awukuthakaseli." Kodwa

lapho uzodinga usisebenzele, uyabuthokozela ubungako benani laso.

9 Manje nina bantu emateyipini phakathi lapho, bengingathanda ukuthi—ukuthi . . . Ngicabanga ukuthi manje ngi . . .

Kulokhukusa, umlayezo kulokhukusa ubunjalo, kimi, amazwibela oMlayezo wenkonzo yami yonke; kulokhukusa, niyabo, amazwibela oMlayezo wenkonzo yami yonke. Ngelinye ilanga ngiyonitshela ukuthi ufika kanjani. Futhi ngiyazi ukuthi konke kusebenze izinyanga ngezinyanga ngezinyanga, kuze kuyofika kulowoMlayezo owodwa, ugudlukela phezulu ukuba ufinyelele kuleyondawo. Lokho kwase kuyisikathi sokuvalwa kwakho, niyabo. Futhi kuyi . . .

10 Manje ngiqinisekile, noma ngiyethemba, ukuthi ninakho obekuchazwa luPhawu. Niyabo? UPhawu luyisibonakaliso sokuthi iGazi libheciwe. Ukuthi, inani eliceliwe, elidingwa nguNkulunkulu, uJesu walikhokha lelonani ngokuchitha iGazi laKhe uQobo. Wakwenza lokho. Khona-ke, ekuphileni kwaKhe kwaphuma uMoya oNgcwele. Futhi lapho iGazi libhecwa kuwe, uMoya oNgcwele uluPhawu ukuthi inani lakho selikhokhiwe; uNkulunkulu usekwamukele, futhi lolo luPhawu. Khumbula, lolo luPhawu. Manje, baningi abantu ongenalo, a—abazi ukuthi loloPhawu luyini, niyabo. Futhi ufanele wenze sengathi akekho olwaziyo, niyabo, ukuze bonke baluthole.

11 Njengokushumayela insindiso nje, sifanele sishumayele insindiso ngendlela yokuthi wonke umuntu, ingeyomuntu wonke, okungukuthi, siyazi ukuthi ayisiyo. Sifanele sishumayele ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu kumuntu wonke, nokho siyazi ukuthi akusikhona. Niyabo? UJesu uzela ukusindisa labo owayeseNcwadini yokuHlengwa ngaphambi kokusekelwa kwezwe. Uzela ukusindisa labo kuphela. Bangobani, angazi. Niyabo? Kodwa wena . . . Akukho muntu ongaba nokukholwa ngaphandle uma uthi kungokwalowo nalowo; futhi kungokwakhe, akekho ongeza ngaphandle uma uNkulunkulu ebabizile. Yiqiniso lelo. Ngakho kukhona abantu abaningi abangayikusindiswa. Siyazi ngakho. Bona, awu, uNkulunkulu wakwazi lokho ngaphambi kokuqala kwezwe, ukuthi abayikusindiswa.

12 Baningi abangayikuphulukiswa, niyabo, abaningi abayikuphulukiswa. Bangeke nje, bangeke bakubambe. Abazi ukuthi kuyini. Abaningi bayokwazi. Kodwa siyakushumayela ukuthi kungokomuntu wonke, ngoba asazi ukuthi lowomuntu ungubani; asazi nje. Kodwa lokho kungokwalowo nalowo, kodwa abanye abantu abakwazi nje ukubamba lokho kukholwa.

13 Manje, futhi into efanayo mayelana naloluPhawu. UPhawu, sikhulumile oPhawini isikhathi eside, kodwa manje ngukubonakaliswa koPhawu. Niyabo?

14 Manje, ngezinye izikhathi siluvumele. AmaLuthela aluvumele ekutheni, “Ukwemukela iZwi; ukwemukela uKristu njengoMsindisi oqondene nawe.” AmaMethodisti athi, “Lapho weneme ngokuphelele ukuba umemeze, yiLolo-ke.” IPentecostal ithi, “Khuluma ngezilimi, khona-ke usunaLo.” Futhi sithola ukuthi konke okwakho kwakungesikho. Niyabo?

UPhawu luluPhawu. Lunguwe noKristu njengabantu ndawonye. Niyabo? LunguMoya oNgcwele, ukuPhila kwaKhe phakathi kuwe, esebenza ukuPhila kwaKhe—kwaKhe uQobo ngawe. Futhi kungokwabacebile, abampofu, noma kungokwalowo oyoLwamukela. Manje khumbulani, uPhawu luyilokho wena . . .

15 Uya enkampanini yakwaloliwe futhi ukhokhela ukugibela kwakho. Kukhona intengo, inani. Ake sithi kubiza amasente angamashumi amahlanu ukugibela lolu—loluhambo lwebhasi, noma ululiwe, ukusuka lapha kuya—kuya eCharlestown, e-Indiana, kubiza amasente angamashumi amahlanu. Awu, manje, inkampani ikhipha izimpawu ukuze . . . Niyabo? Manje, into oyenzayo, wehlela ezansi bese omunye akukhokhele ukugibela kwakho, amasente angamashumi amahlanu. Bakunika uphawu olukunika ilungelo kulesositimela size sifike lapho esiya khona, noma yikuphi lapho lesositimela esiya khona. Niyabo? Lukunika . . . Lolo luphawu.

16 Manje, loludaba, igazi laliluphawu. Ngokoqobo, lalifanele libhecwe, ngoba nje lalingokwemvelo yilokho kuphela ababenakho, ngoba kwakuyigazi lewundlu, isilwane, igazi lewundlu. Ngakho ukuphila okwakusegazini, ukuphila okwasekuphumile, ngakho igazi lachithwa. Niyabo? Ukuphila kwaphuma, kodwa kwakungenakubuyela phezu kwekholwa, ngoba yisilwane. Kodwa kuphela lalikhuluma ngonembeza omuhle, ukuthi kwakukhona Owawuza, uMhlatshelo ophelele.

Futhi, ukuwenza ube Ngophelele, uMahluleli wonke, uNkulunkulu waseZulwini, uba nguMhlatshelo; uMahluleli, uMsizi wamajaji, noMmeli. Niyabo? Uba nguMhlatshelo. Futhi khona-ke ngenkathi ukuPhila kwaKhe kuphuma, okwakunguNkulunkulu . . . Nezwi lapho, lapho elivela khona, “Futhi Ngiyakubapha ukuPhila okuPhakade.” Manje, esiGrekini . . . Ngiyazi ngikhuluma ezifundisweni. Ngibona ezimbili noma ezintathu. Niyabo? Futhi ngi . . . Negama esiGrekini lapho, lingu Zoe. Z-o-e, esiGrekini, elisho ukuthi, “ukuPhila kukaNkulunkulu uQobo.” “Futhi Ngiyakumupha i*Zoe*, ukuPhila kwaMi uQobo.” UKristu noNkulunkulu kwakukuNye.

17 Khona-ke, ukuPhila okwakukuKristu nguMoya oNgcwele, hhayi uMuntu wesithathu; kodwa uMuntu ofanayo, esimweni sikaMoya oNgcwele, eza phezu kwakho, njengoPhawu ukuthi ukuphila kwakho nenkokhelo yokugibela kwakho

sekukhokhiwe, sewamukelwe. Kuze kufike lolophawu, awuvunyelwe emgwaqeni omkhulu, awuvunyelwe e. . . o—ohambweni lwebhasi; awuvunyelwe ukuyongena phakathi uze ukwazi ukuveza loluphawu, nalolophawu luyinkokhelo yakho yokugibela. Futhi manje Lukhombisa ukuthi iGazi lichithiwe futhi labhecwa kuwe, intengo ibheciwe kuwe, futhi unoPhawu lokuthi iGazi libheciwe kuwe futhi uyemukelwa. Niyakuthola manje na? O, he! O!

18 Manje—manje, akusibo nje ubufakazi obungenasiqiniseko. Niyabo? Wena uthi, “Mfowethu Branham,” ngiyakuzwa emiqondweni yenu, niyabo, “ngizokwazelani na?”

Buka, wawuyini, nokuthi uyini na? Lapho wazi kanjalo-ke. Niyabo? Wawuyini ngaphambi kokuba loluPhawu lubhecwe na? Uyini emva kokuba seLubheciwe na? Kwakuyini izifiso zakho ngaphambili, futhi yini izifiso zakho kamuva na? Khona-ke uyazi noma uPhawu lubheciwe noma qha. Nalezi ezinye izinto nje zizihambela zona ngokwazo naLokho. Niyabo?

19 Aku—akufani nje nokukhuluma ngakho, futhi uthi, “Izilimi ngubufakazi.” Manje, ngizoveza, ngithenge izicathulo, ulimi alusiso isicathulo. Nje luza nesicathulo, niyabo. Nje luza nesicathulo. Niyabo? Manje, into efanayo luPhawu. UPhawu nguKristu. Kodwa ukukhuluma ngezilimi, nokukhipha amademoni, nokwenza lezozinto, nokushumayela, nanoma yini okunye, ngubufakazi Lulapho, qiniso, kodwa aku—akuSilo. Niyabo, yisiphiwo saLo. Uma ngikutshele ukuthi . . .

20 Wena uthi, “Ngi—ngifuna wena, Mfowethu Branham,” futhi ngikupha isipho, niyabo. Awu, akusimina lowo, yisipho sami leso.

Izilimi yisiphiwo sikaMoya oNgcwele, hhayi uMoya oNgcwele; isiphiwo sikaMoya oNgcwele.

21 Nodeveli angalingisa nayikuphi kwalezozinto, kodwa angebe nguMoya oNgcwele. Niyabo? Angazilingisa leziziphiwo, kodwa angebe nguMoya oNgcwele.

NoMoya oNgcwele uluPhawu ukuthi iGazi libheciwe, ngoba Lulandela iGazi kusukela le eNcwadini yokuHlengwa. Niyakubona na? Leyo kwakuyinhloso yaKhe yokuza. Yilokho Akulandela eminyakeni yonke. Yonke iminyaka Ulandele lokho, ukubona ukuthi Luyalethwa, futhi babengenakupheleliswa ngaphandle kwethu. Futhi manje uMoya oNgcwele wonke uhambela iBandla, wenza uNkulunkulu enyameni yomuntu; njengoba Enza phambi kweSodoma, ukusha lapho, okwakungumfanekiso. Kwase, u-Abrahama, Wabonakala kuye.

22 Futhi zonke izinto Abengakazenzi kwehle njalo eminyakeni, eminyakeni yebandla, manje Uyazenza. Kubuyela eZwini, ngoba imilayezo nemilayezo nemilayezo kufanele kuyophethela eZwini lonke. Futhi ezinsukwini zokugcina, iziMpawu eziyisiKhombisa zivulwa, kwakungukucosha konke okuhlakazekile obekushiywe

kukho, futhi kwenze yonke into ibesemzimbeni owodwa omkhulukazi woMlobokazi, ukuthi labo ababephila emuva lapho kwakungaphelele kuze kupheleliswe leliBandla, leliqembu elingumloMlobokazi ezinsukwini zokugcina, ukubangenisa, futhi bonke kanyekanye basiwe phezulu. Niyabo?

23 UPhawu, uJesu Kristu, uMoya oNgcwele, uphakathi kwethu. Sifanele sikuhloniphe ngokuzithoba lokho. A—a—a—asikwazi ukuzithoba ngokwanele. Ukukhumula izicathulo zakho, noma ukuguqa ngamadolo akho, bekungeke kwakuthulula; kungeke—kungeke kwakwenelisa, kungeke kwasenelisa; kodwa ukuphila okuveza isithelo sikaMoya!

24 Manje yini isithelo sikaMoya na? Niyabo? Uthando, ukujabula, ukuthula.

25 Niyakhumbula kulokhukusa na? Ukulungiselela, kwathunywa isithunywa noMlayezo. Into elandelayo Ayenzile, emva kokuba Ethumele isithunywa noMlayezo, Wathumela iNsika yoMlilo ukuba kube yisiqinisekiso. Into elandelayo kwakungukuthi, emva kwalokho, kwakuyiconstella-. . . noma induduzo. Niyabo? Wawazi ukuthi kwakuyikho, wawunokuthula. Sinokuthula noNkulunkulu, ngeNkosi uJesu Kristu. Niyabo?

26 Manje kulobubusuku sizokhulekela abagulayo, futhi ngicabanga ukuthi banesidlo. Ni—nizoba nawo umbhaphathizo, inkonzo yombhaphathizo na? [UMfowethu Neville uthi, "Qha."—Umhl.] Isidlo nje, isidlo. Futhi sifuna nihlalele isidlo.

27 Futhi phakathi—phakathi kwengamashumi amathathu-nanhlanu noma imizuzu angamashumi amane sihlose ukuba sesiqedile futhi silungele isidlo. Futhi manje, kusasa yisikhathi soSuku lwaBasebenzi, ngakho ningathi ukuphumula. Manje, ngithe lokho bekuyizinhloso zethu, niyabo. Asazi ukuthi ngasikhathi sini. Ngifuna ukuqiniseka ukukuqondisa kahle lokho.

28 Manje, kulokhukusa nginitshelile, ngokungabi nani, ngi—ngicabanga ukuthi besineminye emibili- noma uMlayezo wamahora amathathu kulokhukusa. Kodwa—kodwa ngi—sengivele ngaqala nje, futhi ngicabange ukuthi ngizovele nje ngiqhubele lowo kulobubusuku, kodwa ubumkhulu kakhulu impela. Angazi noma abantu bawutholile noma qha. Ngiyethemba banjalo, ndawo zonke. Futhi ngethemba ukuthi bekukhona amateyipu amahle kuwo, ukuze usabalaliswe, ukuba waziwe, enguwukholwayo, nawo wonke uMlayezo esengake ngawethula, ukuthi uqobo wagcotshwa nguNkulunkulu, ngaphandle kwe. . . Kusobala, umyalo ovamileyo, njengeziMpawu eziyisiKhombisa nezinto, lelo kwakuyiZwi likaNkulunkulu ngqo. Ngikhuluma ngoMlayezo osazoshunyayelwa; ngikholwa ukuthi owodwa bekuyiwo,

niyabo, lowo—lowo, lowo odingeka ulandele lezoziMpawu eziyisiKhombisa.

29 Manje qaphelani ukuthi kulandelani emva kweziMpawu eziyisiKhombisa: ukuhlangana kwabantu, izibonakaliso ezihlangene, ilambu elibomvu libanibanika ezinsukwini zokugcina, isibonakaliso sabesifazane beya ngokubukeka, nendoda, ukuthi bayokwenzenjani. Zonke lezizibonakaliso zikaMoya oNgcwele ziholela phezulu, bese kubuyela lapha ngqo ekwembulweni kwesisibekelo sayo yonke leyoMilayezo kusukela eziMpawini eziyisiKhombisa. Kwembulwa isisibekelo kulento eyodwa, uPhawu, ukuthi sonke sikahle, niyabo, nje sizihlole futhi sibone ukuthi sikukho yini ukuKholwa.

30 Manje, iNkosi inibusise. Futhi manje ngaphambi kokuba si—ngaphambi kokuba siphenye ngale eBhayibhelini, ukukhulekela abagulayo. . . Sibuzile kulokhukusa, bangaki kokhulekelwe ngobusuku bangeSonto eledlule, a—a—abaphulukisiwe, obesevele ephulukisiwe kuleliviki, futhi empeleni wonke umuntu lapha baphakamise isandla sabo, obesemhlanganweni ngobusuku bangeSonto eledlule. Manje, kungokuthize, niyaqonda. Kuyinto e. . . Kungukuthi, ngizibambela mina lokhu.

31 Bekukhona umfanyana, ovele watshelwa, ehla evela eChicago, omncane uNkk. . . Ngabe yilowo wesifazane, uPeckinpaugh, Peck-. . . Nkk. Peckinpaugh wase—wase. . . Ungudade ongumKristu olungileyo impela. Futhi ulethe othile, i—inganyana, ngendlela engikuqonda ngayo, umfanyana noma okuthile, ukuthi—ukuthi o. . . odokotela babengazi ngisho ukuthi kwakwenzenjani ngaye. Amaphaphu akhe ayemabi kabi, noma okuthize, a—abangakwazanga ukwenza. . . abakwazanga ukumngenisa esikoleni noma okuthize. Wayemubi kabi, kakhulu. Futhi kwathiwa, uMoya oNgcwele emva koMlayezo ngqo, wakhuluma kulowomfanyana, futhi wambiza, wamtshela izimo zakhe nokunye nokunye, futhi wamemezela ukuphulukiswa kwakhe.

Futhi kuleliviki uhambile, umama noma abazali, noma bekungubani, wambuyisela kudokotela, nodokotela wathi usenohlu olusha lwamaphaphu, niyabo, uhlu olusha lwamaphaphu. Futhi indlela engiqonda ngayo, ukuthi a—ukuthi abazali noma othize ushaye ucingo olusuka kude, noma ngenye indlela, ukuba kwaziswe ebandleni. Niyabo? Manje, uNkulunkulu, uMdali, angalwenza uhlu lwamaphaphu amasha.

32 Ngi—ngiyakholwa ngempela ukuthi siso—sonqenqemeni lwenye yezinto ezinamandla kakhulu kunazo zonke esezake zashaya umhlaba selokhu kwaba sezinsukwini zeNkosi zikaJesu. Niyabo? Niyabo? Kodwa manje singaziwa kuphela nje. . . Kuyoba ngokuthobeke kakhulu. Niyabo? Niyabo, lokho umuntu akubiza nga*mandla,* uNkulunkulu ukubiza nge "sinengiso."

Kodwa lokho umuntu akubiza ngo*buwula*, uNkulunkulu ukubiza nga "mandla." Niyabo? Ngakho manje kuqapheleni, niyabo, kuyoba ngokuthobeke kakhulu ukuthi awusoze ugeje . . . ukuthi uyokugeja uma ungenalo uPhawu lapho ukukuhlola, niyabo. Niyabo?

33 Ubani owayeyoke acabange ukuthi izintaba yayitshekula njengezinqama ezincane, namaqabunga ayeshaya izandla zawo, ngenkathi kuphuma umprofethi evela ehlane; lokho okwakhulunywa ngo-Isaya, amakhulu alishumi nambili . . . noma iminyaka engamakhulu ayisikhombisa neshumi nambili ngaphambili. Nobuhwanqa bonke ubuso bakhe, nesiqephu sesikhumba semvu, engenalo ngisho ipulpiti angashumayela ekulo, exoshiwe kuwo onke amabandla, futhi emi ogwini lweJordani, ekleklebula, "Phendukani!" Futhi wabiza abantu ngesigejane sa "mabululu," izinyoka. Kodwa yilokho uNkulunkulu akusho, ukuthi lapho Efika, "izintaba zaziyotshekula njengezinqama ezincane." Niyabo? Abathobileyo bakubona bajabula.

34 Babengakuqonda kanjani ukuthi u . . . lowoMesiya omkhulu, owaprofethwa kusukela khona impela ekuqaleni kweNcwadi, kuGenesise, ukuthi Wayeyofika, uMsindisi na? Yonke imihlatshelo, nabo bonke abaprofethi, nakho konke kwakukhombe kuYe. Bese kuthi-ke lapho Efika, ethathwa njengozalwe ngokungemthetho; ubaba owayengashadile ngisho nomama waKhe, kuthathwa kanjalo. Niyabo? Nowesifazane wafunyanwa ekhulelwe umntwana ngaphambi ngisho kokuba baze bashade. Futhi Waqhamukela entweni enjalo, futhi wazalelwa kwe—kwesincane . . . Awu, kuthi isitebele, eBhayibhelini. Kodwa isitebele ngaleyomihla kwakungumgede emuva e—emuva odongeni. Ngake ngahlangana nendawo enjalo le e-Arizona ngesinye isikhathi, ngizingela. Kwakukhona isitebele emuva ngaphansi kwengoxe yamadwala. Futhi yileyondlela-ke uJesu azalwa ngayo, emuva kulesisitebele esincane sewa emkhombeni wefolishi notshani obomileyo, esitebeleni samankomazi, niyabo, lapho okwakukhona khona izimpahla.

35 Futhi wakhuliswa njengoMsizi wombazi, futhi Lowo kwakungaba kanjani nguJehova onamandla na? Kodwa Kwakunguye, niyabo. Kwakunguye. Niyabo? Uhlobo oluyinqaba ngempela loMuntu. Kodwa, o, ngenkathi EsenguMfana nje, Wakhexisa imilomo abapristi ngokwazi leloZwi. Ngoba ngani na? WayeyiZwi. Niyabo? WayeyiZwi.

Akazange ayilobe incwadi. Akazange alilobe i—Akazange alilobe izwi. Okuyilona-zwi kuphela Ake aliloba, ngiqagele, Walihlikihla, esi—esihlabathini, ngenkathi owesifazane wayekade ethathwe ephinga. Akazange alilobe izwi. Ngani na? WayeyiZwi. Niyabo? WayeyiZwi. Wayengadinge kuLiloba; impilo yaKhe yaLiphila. WayeyiZwi. Uma E . . . "Uma Ngingenzi

imisebenzi kaBaba waMi, khona-ke ningaNgikholwa." Niyabo? "Uma Ngingenzi khona ncamashi iZwi elathi Ngiyokwenza, khona-ke aNgisilo iZwi. Kodwa uma . . . " Yilokho Ayekuchaza. UyiZwi.

36 Ngakho manje zilungiseleleni manje mayelana ne—nenkonzo ezobakhona yokuphulukisa nesidlo. Besingajabula ukuba nihlale nathi uma ningakwazi. Uma ningenakwazi, sizobe-ke sesiphuma khona manjalo.

37 Futhi ningakhohlwa, ningikhulekele nikhulekele nomkami, owesifazane omuhle kunabo bonke ezweni, na—nabantwana bami. Futhi manje ngibabizile, bonke, ukuba babengabeNkosi uJesu.

38 Manje, uBecky usesonyakeni nje womncane u "ricketta," niyazi, futhi nje e—elincane "itshitshana," njengoba sasivamise ukukubiza kanjalo. Futhi manje-ke usesonyakeni onjalo-ke. Kodwa, manje, uyintombazane enomoya omuhle impela, futhi ngi—ngiyayibonga iNkosi ngalokho; akabhemi, akaphuzi, akazulazuli, lutho. Kodwa nje usesekulowonyaka, a—akakhathazeki. Akafuni ukuya enkonzweni, futhi, uma eya, uhlala emuva lapho azihlafunele ushungama, asukume aziphumele. Lokho, niyabo. Ngifuna ukumbona egcwaliswe ngoMoya oNgcwele.

39 Ngifuna ukubona uJoseph, ngifuna lowomfana . . . Ngikholwa ukuthi ngelinye ilanga lapho ngingasakwazi ukuphinde ngiye epulpiti, ngifuna ukuthatha leliBhayibheli eseligugile elidala futhi ngimnike lona, ngithi, "Joseph, hlala naLo, ndodana." Khona-ke sengilungele ukukhuphukela phezulu. Ngifuna ukuzwa umoya uphephetha ndawo ndawo, ngibuke phezulu, ngivayizele ngesandla sami, ngisuke ngihambe.

Asikhuleke.

40 Baba Nkulunkulu, yonke impilo yethu isongelwe kuLokho, ngokuba InguWe, futhi Wena ungukuPhila kwethu. Manje kukhona abanye lapha, Nkosi, o—obamba ngisho loluPhawu engikhulume ngalo. Sebengenwe yiloloPhawu, kepha nokho bayagula. Futhi ngifuna ukukhuluma kulobubusuku ngokubanikeza inkuthazo, uku—ukubakhuthaza ukuba bathathe lawomalungelo abawanikwe nguNkulunkulu. Banelungelo lokwehlula lowodeveli. Usevele wehlulilwe, futhi uyabakhohlisa nje. Ngiyababiza, Baba.

41 Manje ngisize ukuba ngikhulume iZwi. Khuluma ngami, Nkosi, ngaleli amanothi ambalwa enginawo elotshwe phansi lapha, nemiBhalo emncane elotshiweyo. Ngikhulekela ukuba Ungisize, Nkosi, futhi ngingene eZwini futhi ngibanike ukukholwa kwenkazimulo kaNkulunkulu. EGameni likaJesu ngiyakhuleka. Amen.

42 Manje ngokushesha, ngifuna nivule eBhayibhelini eNcwadini kaJeremiya nesahluko sama 29, uma nithanda ukufunda. Noma, uma ningathandi, velani nikumake phansi. UJeremiya, isahluko sama 29. Futhi sizoqala ngevesi le 10 likaJeremiya, ivesi le 10 lesahluko sama 29. Futhi, sizofunda kuLuka, isahluko se 16, siqale ngevesi le 14.

43 Manje ngizoninika indikimba yami, nisa—ni—niphenya. Indikimba yami kulobubusuku ngukuthi *Izintshisekelo*. Futhi ngi. . . Intshisekelo, futhi, manje, niyazi ukuthi izintshisekelo yini.

Futhi manje sizofunda kuJeremiya isahluko sama 29, ivesi le 10.

> *Ngokuba isho kanje iNKOSI, Ukuthi, Lapho iminyaka engamashumi ayisikhombisa isiphelile eBabele ngiyakunihambela, ngiqinise phezu kwenu izwi lami elihle, ngokuni*phendulela *kulendawo*.
>
> *Ngokuba ngiyazi mina imicabango engiyicabanga ngani*. . . (Akumnandi lokho na?). . . *isho iNKOSI,* nokho *imicabango yokuthula, kungengeyobubi, ukuba ngininike isikhathi* esemukelekileyo *nethemba*.
>
> *Niyakungibiza, niye ukukhuleka kimi, ngiyakunizwa*.
>
> *Niyakungifuna, ningifumane, lapho ningifunisisa ngenhliziyo yenu yonke*.
>
> *Ngiyakufunyanwa yinina, isho iNKOSI: ngibuyise ukuthunjwa kwenu, nginibuthe ezizweni*. . . *zonke, nasezindaweni zonke* lapho ngi*ni*xoshele *khona, isho iNKOSI; futhi*. . . *nibuyisele* e—e*ndaweni* e*nganenza ukuba nithunjwe kuyo*. Ukubuyela ephentekoste!

Kufakwa yimina lokho, qobo lwami. Alikusho lokho. Yilokho ebengikuqondile eBandleni.

ULuka 16, kuqala evesini le 15, noma ivesi le 16.

> *Umthetho nabaprofethi kwakukhona kwaze kwafika uJohane: kusukela kulesosikhathi umbuso kaNkulunkulu uyashunyayelwa, wonke umuntu uphika ngoku*fuzula *kuwo*.

"Wonke umuntu uphika ngokufuzula kuWo." Akavele nje ahambe ayongena kuWo, kalula, kodwa Umele ufuzulwe. Niyabo? Manje, "Lapho niNgifuna ngenhliziyo yenu yonke, khona-ke Ngiyofunyanwa."

44 Futhi Wethembisa ukuthi Wayeyobuya futhi alethe abantu, ekuhlakazekeni emhlabeni wonke jikelele, emva kwaleyominyaka engamashumi ayisikhombisa, babuyele eJerusalema lapho bashiya khona; futhi Wakwenza ngaleyondlela nje. Kunjalo.

45 Manje sizokhuluma ngo—ngokuthi *Izintshisekelo* imizuzu embalwa manje. Ngokuvamisile, kuthatha isimo esiphuthumayo, ukusiphonsa entshisekelweni. Niyabo? Kubi kakhulu ukuthi kufanele kwenze njalo, kodwa izidalwa ezingabantu zivilapha kakhulu emqondweni wazo, ukuthi kuthatha ukuphuthuma. Kukhona okuqubukayo, futhi lapho benza, khona ku—kubaphonsa kuleyo ntshisekelo. Futhi ngempela, ekwenzeni lokho entshisekelweni, kukhipha leyonto yangempela oyiyona. Kuyakhombisa ukuthi wenziwe ngani, esikhathini sentshisekelo. Ngokuvamisile kudonsela ngaphandle konke okuhle okuphakathi kuwe.

46 Esikhathini sokufa, ngike ngabezwa abantu lapho base bazi khona ukuthi base befa, izinto ababezigcine ziyimfihlo impilo yabo yonke, bona, entshisekelweni, babezama ukukuvuma. Niyabo? Futhi bezama, "Thatha *lokhu* ukuhlambuluke; hamba, siza; hamba, kwenze," niyabo, entshisekelweni. Babefanele bakwenze ngaphambili lokho, niyabo, ungalindi kuze kube yisikhathi esiphuthumayo. "Ungangenzela *ukuthi-no-kuthi* na?" Ukuphuthuma kubanga intshisekelo. Kanti, bekufanele sikwenze ngaphandle kokuphuthuma.

47 Manje siyaqaphela, kulobubusuku, ukuthi sithatha imifanekiso yePhasika. Futhi iPhasika lathathwa kuphuthunywa, ezikhathini zentshisekelo. Niyaqaphela ku—ku-Eksodusi isahluko se 12, nevesi le 11 lesahluko se 12, ngikholwa ukuthi yikho, kuthi, "Nidle leliPhasika nezicathulo zisezinyaweni zenu, izinkalo zenu ziboshiwe, nodondolo lusesandleni senu," niyabo, nilidla entshisekelweni.

48 Babesibonile isandla esikhulu sikaNkulunkulu. Babekubonile konke okwezimangaliso zaKhe, futhi khona-ke base beze ngaphansi kwesibonakaliso soPhawu. Futhi ngenkathi babesengaphansi kwesibonakaliso soPhawu, base bethathe isidlo e—entshisekelweni, ngoba bazi ukuthi ngalesosikhathi uNkulunkulu wayelungiselela ukushaya ngokwahlulela.

49 Futhi kwakuyisikhathi sokuzamazama. Kwakuyisikhathi lapho wonke umuntu wayezihlola yena, ngoba iZwi lomprofethi lalingakaze lehluleke nakanye. Lalifakazelwe ukuthi liqinisile. Noma yini ayisho, yenzeka nje ncamashi ngendlela ayisho ngayo. INsika yoMlilo yayisekhona lapho. Futhi, khona-ke, umprofethi wayememezele ukuthi uNkulunkulu uyokwedlula kuphela lapho Ebone uphawu emnyango. Futhi kwakuyintshisekelo.

50 Sengathi ngiyabona abantwana babe. . .ngenkathi bebona lawo amakhulu, amaphiko amnyama ehlela phansi esuka esibhakabhakeni njengentuthu ithe ze phezu kwedolobha, ukudazuluka kuvela kuyo yonke indlu, cishe ukuba abantwana baya kuyise base bethi, "Babayi, uneqiniso ukuthi singaphansi kwalolophawu na?"

Futhi wayengaya emnyango, abuke ensikeni, ikhothamo, athi, "Ndodana, lokho kuhambisana neZwi laKhe."

"Khumbula, ngingumntwana wakho omdala kunabo bonke. Babayi, uqinisekile na?"

51 "Ngiqinisekile! Lokho kuhambisana nalokho umprofethi asitshele khona, futhi uneZwi leNkosi. Elathi, 'Lapho Ngibona igazi, Ngiyakudlula kini. Nizithathele iwundlu ngokwendlu.' Ngniningenise nonke nina bantwana. Ungowami omdala kunabo bonke, kodwa ulizibulo lami. Yiyo leyo efayo onke phandle lapho; kodwa *nanto* igazi. Yilokho-ke u ISHO KANJE INKOSI ayeyikho. Ngakho phumula, ndodana yami, phumula ukhululeke, ngoba uNkulunkulu wenze isethembiso. Niyabo?"

"Awu, Babayi, uzigqokeleni izicathulo zakho na? Uluphatheleni ngesandla sakho udondolo na? Yini uphathe ucezu lwesinkwa ngesinye isandla newundlu ngakwesinye isandla na? Eyani leyo mifino ebabayo nezinto na? Uyidlelani na? Yini wehle umjuluko ebusweni bakho na?"

"Ndodana, ukufa kulungela ukugadla." Niyabo, kwakusesikhathini sentshisekelo.

52 Manje, ngikholwa ukuthi siphila ezinsukwini lapho esi . . . Noma, uma kungenjalo, izinsuku esiphila kuzo zifanele zibangele iBandla ukuba lingene shi entshisekelweni. Ngiyakholwa, selokhu kube ngumlayezo wakulokhukusa ovela kuNkulunkulu, akusimina, ngikholwa ukuthi ufanele ukuphonsa lonke lelibandla entshisekelweni, ukuthi sesidlale isikhathi eside ngokwenele. Sesiye ngokwenele esontweni. Kufanele kubekhona esikwenzayo.

53 Ukuthi singazibona kanjani ezinye izibonakaliso ezinkulu nezimanga zenziwa kwabanye, futhi kuthiwani ngathi na? Kufanele kubangele isimo sentshisekelo, ukuthi sizimisele, phambi kukaNkulunkulu. Izibonakaliso zokuFika kwaKhe zifanele zilethe lonke lelibandla, lapho sesikufundile eZwini . . . UMoya oNgcwele usesitshelile, "Hamba uye endaweni ethize, into *ethize-thizeni* izokwenzeka," engasitsheli ukuthi bekuyini, kodwa bekuyokwenzeka. Siya lapho, kwenzeka ngaleyondlela. Amaphephandaba akuqukethe, amaphephabhuku akuqukethe, kukhonjiswe isithombe sakho. Buya uze lapha futhi ubone lezozimfihlakalo ezinkulu, zifihlwe eBhayibhelini, zivulelwe thina, ensimini entsha esingakaze siyazi ngaphambilini, futhi ngokuphelele kuxubana ekuFikeni kweNkosi uJesu.

54 Bese-ke, ekupheleni kweMilayezo, nibone ukwenza kukaMoya oNgcwele omkhulu, niMbone ehla ebonakala phambi kwabantu, baze bathathe ngisho nesithombe saWo. NiWubona usebenza futhi ukhombisa ukuthi akusuye umuntu, akusuye nje umshumayeli, akusilo ibandla elithize. NguMoya oNgcwele ukhombisa into efanayo Owayenzayo ngenkathi Uzihlanganisa ngokomzimba emzimbeni kaJesu Kristu. Manje Uzihlanganise

ngokomzimba eMzimbeni woMlobokazi waKhe. Kufanele kusiphonse entshisekelweni.

55 Labobantu babesibonile isandla sikaNkulunkulu. Futhi ngalobo busuku besidlo, basithatha ne. . .entshisekelweni, ngoba bazi ukuthi kukhona okwakulungisela ukwenzeka. Futhi siyazi kukhona okulungiselela ukwenzeka. Futhi khumbulani, ukuFika kweNkosi kuyoba ngokuzumayo, ukumuka okuyimfihlo. Iyofika iMthathe njengesela ebusuku. Nokucabanga ukuthi uma othize, ngokuzuma, kukhona amalunga omndeni wethu asehambile, futhi ususele ngemuva! Kufanele kusiphonse entshisekelweni, ukuthi, ngomusa kaNkulunkulu, asiyikushiywa emuva ngemuva. "Uma kukhona noma yini engingayithandi. . .Ungakwenzi, ungangishiyi, Nkosi."

56 Ezinsukwini ezimbalwa ezedlule ngangilalele uMel Johnson ecula leloculo:

> Ungikhumbule lapho izinyembezi zehlela phansi, yebo
> Ungikhumbule lapho abangane bengekho macala onke
> Futhi lapho sengiwela lomfula weJordani
> Lapho Usubiza amagama, ungikhumbule.

57 Futhi eNcwadini yokuPhila yeWundlu, ngifuna igama lami lilotshiwe. Ngifuna Yena angikhumbule lapho sekubizwa amagama. Futhi kungiphonsa entshisekelweni, lokho kungukuthi, njengoPawulu wathi, "Emva kokuba sengishumayele iVangeli ngiyoba ngu—ngumcashi-mkhunjini, ngabe ngiyoba ngo—ngolahliwe na?" Bekungenzeka. Ngakho kungiphonsa esigabeni sokushisekela, intshisekelo, ukucabanga ngokuthi, emva kwayo yonke leminyaka yokushumayela, ngabe bengiyo—ngabe benginga. . .indawo ifike lapho ebengizokwehluleka kuYe na? Yimuphi umnyakazo olandelayo na? Yini elandelayo okufanele ngiyenze na? Futhi kungiphonsa esigabeni sokushaywa wuvalo. Futhi yini engingayenza na? Kungiphonsa ezintabeni nasezigodini. Futhi kul'khuni, ngoba, lapho nginabantu, ngifanele ukuba yizinto zonke kumuntu wonke, ukuze ngizuzele uKristu abanye, nokho nginaloloPhawu luphambi kwami njalo. Niyabo?

58 Futhi ngibona izinto equbukayo, futhi ungeke ubatshele abantu. Ubona izinto ezehlukile, futhi wenqatshelwe. Leyomibono abayibizayo, futhi ngezinye izikhathi bayazisola uma ubatshelile, futhi wena wazi kangcono kunokukwenza. Futhi khona-ke uhamba kakhulu emibonweni ize ithi yonke into ibe ngumbono, futhi ikuphonsa esigabeni sokushaywa wuvalo. U—uyabuka bese uthi, "Manje ngabe ngisembonweni na?" Njengokuhlala khona lapha, "Ngabe ngumbono lona na? Ngimi kuphi ngempela na?" Niyabo, u—usebenza ngokwedlulele,

uzithelisa ngokwedlulele. Futhi uthola izinto ezimayelana nabantu ofisa sengathi ngabe awuzazanga. Abantu ofisa lezizinto, ukwazi lezizinto, abaqondi ukuthi lolohlobo lwenkonzo lubizani. Awazi ukuthi kuhambisana nani. Khona-ke kuphonsa entshisekelweni, "Nkosi Nkulunkulu, ngiyazi ngizodingeka ngiphendule."

59 UJack Moore wake wathi kimi, "Angikuthandi ukuphendula ngendlela wena ozophendula ngayo, ngoSuku lokwaHlulelwa." Wathi, "UNkulunkulu ubeke lababantu ezandleni zakho, futhi uyozilanda ngabo bonke. Uyoziphendulela ngenkonzo yakho." Lokho sekucishe kube yiminyaka elishumi nanhlanu eyedlulayo, noma mhlawumbe ishumi nesishiyagalombili. Futhi kusukela lapho, bengisentshisekelweni. Ngizokwenzenjani na?

"Angisho kuphela lokho okushiwo nguWe, Nkosi. Mangibatshele lokho okuliQiniso, noma ngingasho lutho." Kungiphonsa entshisekelweni.

60 Bese-ke ekuboneni lezizibonakaliso ziza, ekuboneni uMoya oNgcwele usikhipha lapho, futhi uletha leziziMpawu, futhi uzibeke phakathi kanjalo. Uletha imiNyaka yeBandla futhi uyingenisa, bese wehlela phansi useNsikeni yoMlilo enkulu emuva lapho, futhi—futhi Wazembula. Bese wehlela kokulandelayo, eziMpawini eziyisiKhombisa, futhi wakwembula. Kwaze kwabekwa ngisho nasemaphepheni namaphephabhuku. Wase ungena futhi uthatha izingelosi zikaNkulunkulu, lezozingelosi eziyisikhombisa nemiLayezo eyisikhombisa, futhi wakuqinisa ncamashi nalokho iBhayibheli elakushoyo. Khona-ke, phakathi kwalesosikhathi, wenyuka wangenisa lezoziMpawu. . . lezozibonakaliso, ukubanibanika kwesikhathi sokuphela, futhi wakukhuphulela kubantu futhi wabatshela ukuthi kuyini, nakho konke mayelana nakho, neNkosi isebenza khona lapho iZikhombisa ikhona. Bese kuthi-ke, khona ezansi njengakulokhu ukusa, wenyuka futhi wafuna loloPhawu kumuntu wonke. Khona-ke, ningabantu bami. Niyilabo engibathandayo, laba nabo olalele amateyipu, nokunye nokunye. Khona-ke niyabona ukuthi ntshisekelo yiphi okungifaka kuyo.

61 Intshisekelo. Izibonakaliso zokuFika kwaKhe zifanele ziphonse lonke ilunga likaKristu entshisekelweni manje, mayelana nemiphefumulo yethu, mayelana nenhlalakahle yethu—yethu—yethu yokuphila okuzayo. Awu, sizofinyelelaphi uma sizuza izwe lonke na? Siyini, siphilela ini na? Nisebenzela ini na? Nidlela ini na? Nizabalazela ini na? Ukuphila. Niphilela ini na? Ukufa. Futhi awukulungele ukuphila uze ulungele ukufa. Yiqiniso.

62 Futhi sibona eziningi kakhulu izimangaliso zokuphulukisa, kufanele kusifake entshisekelweni.

63 Uma lowomfanyana . . . Ngabe ngibuka uNkk. Peckinpaugh manje na? Ngabe uNkk. Peckinpaugh lona na? Ngabe nguwe obunomfana lapha, okuthize noma okunye na? Ngani, nangu owesifazane ehlezi khona lapha ebengikhuluma ngaye. Kwenzekile nje ngabheka ngale ngase ngimbona.

64 Manje uma uNkulunkulu engamenzela lokho lowomfanyana, bekufanele kukuphonse entshisekelweni.

65 Umlisa waseNew Albany, kungenzeka ukuthi ulapha kulobubusuku. Ungumngane kuMfowethu Roberson. Ubenomfanyana lapha. Ngicabanga ukuthi umkakhe wake waba nomdlavuza futhi waphulukiswa. Futhi—futhi manje, umfanyana unesifuba somoya kabi kabi useze waba sesimweni esibi nje. Umfo omncane, wacishe wadlavuzeka umphimbo, qobo lwakhe. Niyabo? Wase-ke eletha umfanyana, ya, ngiyasibona isandla sakhe siphakeme emuva, emuva lapho, wakhulekelwa kulokhukusa, niyabo.

66 Intshisekelo! Ngenkathi unkosikazi wayesezobulawa ngumdlavuza, wazi ukuthi uNkulunkulu ubengamphulukisa. Futhi uma uNkulunkulu ebengaphulukisa unkosikazi, uNkulunkulu angamphulukisa umfana. Futhi kukuphonsa esimweni sentshisekelo. Niyabo? Ufanele uze; futhi lapho ushisekele, khona-ke uNkulunkulu uzokulalela. Kodwa uma nje uvilapha, awukhathali noma Uyakwenza noma qha, awu, khona-ke lokho kwehlukile. Uthi uyakwenza, kodwa kuthatha intshisekelo ukukwenza.

67 Ngikholwa ukuthi isizathu sokuba singabi nayo intshisekelo yingoba kungukusilela kothando, uNkulunkulu, uthando lukaNkulunkulu. Ngicabanga ukuthi uthando lukaNkulunkulu lubangela intshisekelo. Uma uNkulunkulu ekuwe, uPhawu ngaphakathi kuwe, futhi uyazibona izimo zezikhathi, nabantu bagxambuza esonweni ngendlela abayiyo, kuzokuphonsa entshisekelweni. Ngikholwa ukuthi kuzokwenza.

68 Manje iZwi ngokucacile liyabalula, uma ufuna ukukuloba phansi lokhu, kwabaseGalathiya 5:6, ukuthi, "Ukukholwa kusebenza ngothando." Niyabo? "Ukukholwa kusebenza ngothando." Futhi okuyiyona ndlela kuphela ongaba nayo nokukholwa, ngukuba nothando kuqala. Ngoba, eqinisweni, ukukholwa kuyisisusa sothando. Isisusa, yilokho impela u—ukukholwa okuyikho. Kuyisisusa othandweni. Manje, wena, uma ungenalo uthando, ungeke ube nokukholwa. Niyabo?

69 Ungaba kanjani nokukholwa kumkakho uma ungamthandi na? Lokho kukwi*phileo*. Manje kanjani kwi-*agapao*, kuNkulunkulu na? Kungaba kanjani-ke uma ungamthandi uNkulunkulu na?

Uma ubuthe ubumthanda umkakho, futhi ungamtsheli neze ngakho, futhi ungakaze wahlala phansi umkhulumise ngezothando, ukuveze kuye, umange, umgone, futhi umtshele

ukuthi ungumpheki obedlula bonke ezweni, zonke izinto ozaziyo, nokuthi ubukeka kahle kanjani, nokuthi umthanda kangakanani; uma ungakwenzi lokho, angeke neze akwazi. Yileyondlela. Uma umthanda, uyakuveza.

70 Yileyondlela esenza ngayo kuNkulunkulu. Lapho siMthanda, siyaMtshela ngakho. Sihlale phansi futhi siyaMdumisa, futhi siMkhonze. Futhi, buka, uthando lusiqhubela kulokho.

71 Manje ukuba-ke kukhona okuthize okufanele kwenzelwe umkakho na? Ngani, bekungakuphonsa entshisekelweni ukuze kwenziwe. Ukuba-ke omunye uthi umkakho unomdlavuza? Ukuba-ke omunye uthi umkakho—kho uneTB, futhi usezokufa na? Nokho, wena, uyo—uyokwenza noma yini. Niyabo, kuyokuphonsa entshisekelweni.

72 Futhi lokho yinto efanayo-ke lokho okuyiyona. Sifanele sibe nothando ngaphambi kokuba sibe nokukholwa. Futhi ukukholwa. . . Lapho sinothando loqobo, lwenzani na? Lufuqa ukukholwa kwethu kuphumele ekhaleni lempi kaNkulunkulu. Niyabo? Uthando lobuNkulunkulu loqobo lukaNkulunkulu nolweZwi laKhe nolwabantu baKhe, luyofuqa ukukholwa kuphumele lapho. Uthando luvele nje lubambe ukukholwa, futhi nje, "Wozani, asambeni!" Futhi lusho luphume, ngoba yilokho okwenziwa wuthando.

73 UJohane 14:23, uJesu wathi, "Uma umuntu eNgithanda, uyakugcina amaZwi aMi." Manje ungeke ugcine amaZwi aKhe ngaphandle kokuba nokukholwa kulokho Akushilo. Ngakho, niyabo, uma ethanda uNkulunkulu, khona-ke ugcina iZwi likaNkulunkulu. Uma Athi, "NgiyiNkosi ekuphulukisayo," uyakukholwa lokho. Uthando lumenza akukholwe, ngoba uthando lubusa konke. "Noma ngikhuluma ngolimi lwabantu nolweziNgelosi, ngingenalo uthando, akulutho, niyabo. Noma nginokukholwa okugudluza izintaba, futhi ngingenalo uthando, akulutho." Uthando lubusa konke, ngoba uNkulunkulu uluthando, uNkulunkulu wothando. Manje, yebo, mnumzane! Uma uJesu athi, "Uma umuntu eNgithanda, uzogcina amaZwi aMi."

74 Siyazi ukuthi kuliqiniso ukuthi uNkulunkulu uzohlangabezana nomphefumulo oshisekele. Manje, sonke siyakwazi lokho. Kodwa ngokuvamisile kuthatha okuthize ukuba kusiqhubele kulokho, kulokho kushisekela, entshisekelweni. Kuthatha okuthize ukukwenza.

75 Siyathola, kuJakobe 5:15, ukuthi iBhayibheli lasho, ukuthi, "Oqinileyo," leyo yintshisekelo, "umkhuleko oqinileyo wolungileyo unamandla kakhulu. Lapho olungileyo, umuntu onokulunga, engena osizini," noma ukuhamba komphefumulo, noma usizi, okunye kwakho. Ngi—ngicabanga u "kuhamba" yigama elingcono. Usizi, noma ukuhamba, noma yiliphi ofuna

ukukubiza ngalo. Kodwa lapho u—u—umphefumulo ungena e—entshisekelweni, osizini, umkhuleko oqinileyo walowomuntu ongakhombisa uPhawu, kwenza okuthize. Niyabo?

76 Qaphelani ukuthi iBhayibheli lathini lapha futhi, kuJakobe 16, 5:16, lathi, uma . . . "Sivume izono zethu," sihlambuluke, sikulungele, "sivume izono zethu omunye komunye." Singena—nazono . . . Ucele abantu bakukhulekele, sivume izono zethu omunye komunye, futhi sikhulekelane. Nakho lapho okhona. Ngothando, uthando, ukuthi nginokwethemba ukuthi ngingavuma kuwe okubi kwami; nawe ungavuma kimi okubi kwakho. Futhi ngiyakuthanda ngokwanele ukuthi ngizokukhulekela, nawe ungikhulekele; futhi sizohlala nakho, ngomkhuleko oqinileyo, uze uphendulwe. Lokho ngukuthi, leyo yintshisekelo. Yilokho esifanele sibe nakho ngaso sonke isikhathi.

77 Ake sithathe ezinye izibonelo zangokoMbhalo zalokho, okwenzeka, manje, okweminye, cishe imizuzu elishumi nanhlanu, iNkosi ithanda.

78 UJakobe, wayengumuntu, kuqala wayengoncane i . . . umfana othi akabe wuhlobo olungakhathazeki. Wacabanga emqondweni wakhe qho ukuthi wayazi ukuthi ubuzibulo babusho konke kuye, futhi akazange akhathazeke ukuthi wayezobuthola kanjani, inqobo nje uma ebutholile. Futhi emva kokuba esebutholile, wacabanga ukuthi konke kwakuhamba kahle, ngoba wayenobuzibulo. Wacabanga ukuthi into isiqediwe. Ukhuphukela kumfowabo ngenkathi eselambile, engena evela endle, ekusebenzeni ngezinkomo nokuzingela inyamazane idiye. Futhi umfowabo, wa—wayedinga elikhulu ibhodwe lokudla, uphizi wasendle ne—nezinto ndawonye. Mhlawumbe kwakuhahisa impela uma umuntu elambile, emva kokuhamba usuku lonke. Nomfowabo wathi, "Impela sekuthi angiquleke. Ngiphe okunye kwalokhu."

Futhi wathi, "Awu, ngi . . . uma uzofunga kimi ukuthi ngithole ubuzibulo." Niyabo? Wayengenandaba ukuthi ukwenze kanjani, inqobo nje uma ebutholile. Futhi wacabanga, lapho ethola ubuzibulo, lokho kuqede konke.

79 Phentekoste, kulapho owehluleke khona! Wacabanga ukuthi ngoba wazalwa nguMoya, wazalwa nguMoya kaNkulunkulu, uBuzibulo, lokho kwaqeda konke. Kodwa kuphela kuyakuqala. Niyakhumbula emlayezweni othi—othi *Yizweni*, ukuthi ubekanjani umntwana, emva kokuba kwase kuzelwe emndenini, kwaba yindodana. Kwakunamalungelo ebuzibulweni, kodwa kwakufanele kufakazelwe, oqeqeshiwe umntwana. Bese kuthi-ke uma kungafakazekelanga ukuthi kungu—umntwana olalelayo entandweni kayise, khona-ke kufanele, yebo, kwakungalitholi i—i . . . kwakungesiyo i . . . kube yindlalifa. Kwakungadli lutho oliyifa, nokho kwakuyindodana, kodwa

yayingadli lutho oluyifa uma yayingawukhathalele umsebenzi kayise.

80 Futhi ngakho ngenkathi uMoya oNgcwele ehlela phezu kwabantu abangamaPentecostal futhi baqala ukubuyisela emuva iziphiwo nezinto okwakusebandleni; bacabanga, ngoba babezalwa nguMoya, lokho kwaqeda konke. Kodwa, niyabo, kukhona ukubekwa kwendodana. Futhi emva kokuba lendodana ifakazisiwe ukuthi iyindodana yangempela, khona-ke yathathwa yayiswa endaweni yomphakathi, yase-ke ihlaliswa, futhi yashintsha izingubo, futhi ihlale phezulu lapho; bese kuthi-ke kwaba khona ukubekwa kwendodana, ukuthi yayisinefa lakho konke uyise ayenakho.

81 UNkulunkulu wenza into efanayo ngeNdodana yaKhe eNtabeni yokuGuqulwa isimo. Yasibekelwa yi . . . noma ifu, futhi waguqulwa, nezingubo zaYo zakhanya njengelanga, nezwi lathi, "Lo uyiNdodana yaMi Ethandekayo eNgithokozile ngaYo." UMose nomthetho babehlulekile. Futhi lena Yiyo, "Yizweni." Wabekwa. Niyabo?

82 Manje uJakobe wacabanga, ngenxa yokuthi wayenobuzibulo, ukuthi konke kwenziwa.

Benzenjalo nabantu bePentecostal, futhi baqala ukuhlela, a—abakamunye, mthathu, nabakaziqu-zintathu, nazo zonke izinhlobo zezinhlangano, futhi beqophisana futhi bedonsana, kwafakazeka ukuthi uPhawu lwalungabonakali. Ububi, umhawu, umbango, niyabo, kodwa kulapho okufinyelele khona.

83 Manje, niyabo, uJakobe wacabanga into efanayo. Kodwa ngokwesaba, ngobunye ubusuku, okwempilo yakhe qho, intshisekelo yambamba, ngenkathi ecabanga ukuthi, "Nje ngaphesheya kwalowomfula ngaleya, umfowethu ulindele ukungibulala. Uzokwenza." Niyabo, ubuzibulo ayebutholile, babuyinto eyayizobangela ukufa kwakhe.

Futhi ngezinye izikhathi yona leyonto oyemukelayo, njengoMoya oNgcwele, Yiwo, futhi uzelwe kabusha nguMoya, uma ungaqapheli, leyonto efanayo izokulahla ekupheleni. Kunjalo. Wona kanye amanzi asindisa uNowa, alahla izwe. Into o—obuyoyibiza ngentshisekelo eyeqile ingahle ibe yiyonanto impela ekulahlayo ekupheleni komgwaqo.

84 Manje uJakobe wazi ukuthi impilo yakhe yayisisondele ekupheleni. Waba nesithunywa esafika samtshela ukuthi umfowabo, namadoda angamakhulu amane ahlomile, ayezohlangabezana naye, azi ukuthi waye—wayesendleleni yakhe. Ukwesaba kwambamba. Wathumela amadoda ahamba phambili nenkabi, nezinkomo, nezimvu ukwenza umnikelo wokuthula no-Esawu. Kwase-ke, emva kwalokho, waqala elinye iqembu linomunye umthwalo wezinto. Wase-ke eqala elinye iqembu linomunye umthwalo wezinto, ezama ukuhlangabezana naye kuqala, ukuzama ukuphendula ulaka lwakhe. Wase-

ke ecabanga, "Lokho angeke kummise, ngoba mhlawumbe ucebile kunami. Akakudingi." Wase-ke ethatha omkakhe nabantwanyana bakhe, wase ebawelisa, ukuthi u-Esawu ababone labobantwanyana nomkakhe. Futhi ngempela kubashanakazi bakhe abancane nabashana, angeke ababulale. Khona-ke, yena, futhi akakwazanga ukukwenza. UNkulunkulu uyazi ukuthi utholwa kanjani umuntu. UJakobe wawela umfudlana. Lapho waguqa phansi ngamadolo akhe.

Niyazi, wayekade ewuhlobo oluthi alube namahlonyana, ngaphambi kwalokho. Ngiyaxolisa ngesisho, kodwa ethi ukuba oluncane . . . WayenguJakobe. *Jakobe* kuchaza "umkhohlisi," futhi yilokho ayeyikho. Kodwa kukhona okwakufanele kwenzeke kuye. Lapho entshisekelweni, lapho ngenkathi ukufa kwakumlalele ngaphambili . . .

85 Kungahle kubekhona abesilisa nabesifazane abahlezi lapha kulobubusuku, lokho ngukuthi, ukufa kukulalele ngaphambili. Futhi okuyiyona ndlela kuphela oyoke ukwazi ngayo ukuzuza into oyifunayo, ngukuza ngentshisekelo. "Kufanele ngibe nakho, kulobubusuku. Ngiyakuthola manje, kungenjalo ngiphelile. Kusasa sekwedlule isikhathi kakhulu. Kufanele ngibe nakho manje!"

Lapho ukhulekela umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, uPhawu, ungasho ukuthi, "Awu, manje ngizokhuphuka futhi ngizame. Nkosi, mina, ngikhathele kancane." O, bakithi, hlala esihlalweni sakho! Ungaze ngisho—ungaze ngisho wenze umzamo. Uma uza, uthi, "Ngizokwedlula emgqeni wabakhulekelwayo; babeke amafutha ekhanda lami, ngizobona uma kungenzela okuhle," ungavele uzihlalele lapho okhona. Uze ufike kuleyondawo, lize lonke ibandla lifike endaweni, ukuthi kuphakathi kokufa nokuphila, ufanele ubenaLo manje kungenjalo ubhubhe, khona-ke uNkulunkulu uzonyakaza enkundleni. Kuthatha intshisekelo ukuletha uNkulunkulu enkundleni.

86 UJakobe wakhala sengathi akakaze ngaphambili. Ngokushisekela wabiza waze wambamba uNkulunkulu. Futhi lapho esekwenzile, wabambana; hhayi imizuzu elishumi nanhlanu. Wabambana ukuba aMgcine, emphefumulweni wakhe, ubusuku bonke golokonqo; futhi noma kunjalo wayazi ukuthi wayengakasitholi isibusiso, futhi wakwazi ukubambelela kwaze kwafika isibusiso. Wabambana ngentshisekelo kwaze kwafika isibusiso. Kwase-ke, futhi ngenkathi esebone . . . uNkulunkulu waze wafika esigcawini. Kwase kuthi-ke, ekushisekeleni, "AnginakuKuvumela uhambe," ngenkathi eqala ukuzwa isibusiso siqala ukwehlela kuye.

Inqwaba yabantu ithi, "Udumo kuNkulunkulu, sengisitholile manje." Lapho udukisiwe. Ya! Omunye uthi, "O, nje ngizizwa ngikahle kakhulu, Mfowethu Branham,

ngehlele lapho ngase ngikhuleka. O, uhlevane lugijime konke kimi." Futhi mhlawumbe lowo bekunguNkulunkulu. "Ngabona ukukhanya okukhulu phambi kwami." Lowo futhi mhlawumbe bekunguNkulunkulu, kodwa lokho akusikho engikhuluma ngakho.

87 IBhayibheli lathi, kumaHeberu isahluko se 6, "Imvula inela abalungile nabangalungile, ngokufanayo nje." Manje, thatha ukolo, uthathe nokhula, bese ukutshala ensimini. Futhi imvula eqinisweni isuke ithunyelelwe ukolo, kodwa imvula inela ukhula ngokufanayo njengoba yenza kukolo. Futhi, imvula, nokhula lujabulela imvula ngokufana nse njengoba unjalo nokolo, futhi yimvula efanayo. Wona uMoya oNgcwele ungehlela kongakholwayo futhi umenze enze ngendlela efana nse ikholwa elenza ngayo. Kodwa baziwa ngezithelo zabo; yilokho engikukhulumayo, lolo luPhawu. Futhi uDa-. . .

88 Futhi uJakobe, njalo, entshisekelweni, wathi, "Ngiyazi ngiKuphathile, Ulapha nami, kodwa angizukuKuyeka uhambe."

Omunye ukubona kahle, umuzwana wokuqala, bayasukuma futhi bagxume phansi-na-phezulu, bagijime benyuka ezikhaleni zezihlalo, bathi, "SengiLutholile, sengiLutholile, sengiLutholile." O, qha. Hhe-e. Qha.

UJakobe wahlala lapho kwaze kwenzeka okuthize, okwamenza wahamba ngokwahlukile, kwamenza waba ngumuntu owehlukile, ngenxa yokuthi wahlala kwaze kwenzeka lokho. Futhi wakwazi. . .IBhayibheli lathi, "Wabamba waze wanqoba." Umuntu anganqoba kanjani phezu kukaNkulunkulu na? Kodwa ungakwenza. Ungakwenza. Umuntu anganqoba phezu kukaNkulunkulu.

89 Ngesinye isikhathi kwakukhona indoda ethiwa nguHezekiya, wayetsheliwe ngumprofethi, "ISHO KANJE INKOSI, uzokufa." UHezekiya waphendulela ubuso bakhe odongeni, futhi esentshisekelweni wakhala kakhulu, "Nkosi, ngikhumbule. Ngihambile phambi kwaKho ngenhliziyo epheleleyo, futhi ngidinga eminye futhi iminyaka elishumi nanhlanu," emva kokuba uNkulunkulu esemtshelile ukuthi kukhona okwakuzokwenzeka, wayezokufa. Futhi, esentshisekelweni, waluguqula uhlelo lukaNkulunkulu. Intshisekelo, noma kunjalo, wakhala kamunyu esentshisekelweni.

90 UJakobe wahlala lapho saze safika isibusiso, futhi saguqula igama lakhe ekubeni "ngumkhohlisi" laba "olwenkosana enoNkulunkulu." Ngisho nesizwe sabizwa ngegama lakhe. Yebo, mnumzane! Kwakuyini na? Imiphumela yayingenxa yokuthi wathola ukushisekela ngento. Futhi ngosuku olulandelayo lapho ehlangabezana no-Esawu, akadinganga baqaphi. Waphuma waqonda wahlangabezana naye. Niyabo? Ngani na? Wayesengene entshisekelweni waze wathola isiqiniseko.

Futhi uthola ukushisekela uze uthole isiqiniseko. Uma ungenjalo, ungezi ngisho nokuzokhulekelwa. Ungezi ngisho ukuba uye e-altare. Linda kuze kube phakathi kokuphila nokufa, kuwe, khona-ke okuthize kuzokwenzeka. Impela, intshisekelo!

91 URuth wathola ukushisekela, ngesinye isikhathi, ngenkathi emi ngakuNawomi. Wayesengabuyela kubantu bakubo, kukho konke lokho ayekuthanda, nakho konke aye—ayekukhonza, onkulunkulu bakubo nabantu bakubo, noma anamathele kuNawomi na? Kufanele enzenjani na? Futhi wangena ekushisekeleni, futhi wamemeza kakhulu, "Lapho uya khona, ngiyakuya khona nami. Lapho ohlala khona, ngiyohlala khona nami. Lapho ofa khona, ngiyofa khona nami. Lapho ombelwa khona, ngiyomba . . . noma ngiyombelwa khona nami. NoNkulunkulu wakho uyoba nguNkulunkulu wami." Nakho lapho okhona, ukushisekela! UNkulunkulu wambusisa, wamupha indodana, u-Obede. U-Obede wazala uJese. UJese wazala, kuJese, kufika uJesu. Ngoba, intshisekelo!

92 Njengesifebe esincane, uRahabi, wayeshisekele. Wayazi ukuthi ukufa kwakumlalele ngaphambili. Wayephansi kokwahlulelwa. Futhi wathola ukushisekela, wathi, "Ngizonifihla zinhloli. Ngizokwenza noma yini. Kuphela, fungani kuNkulunkulu wenu, nendlu yami izokuma." Nakho lapho okhona.

Wathi, "Ngizo . . . Uma uzothatha loluphawu, kuzoba njalo."

93 U-Eliyeza wathola ukushisekela ngenkathi enikwa umthwalo wokuzingelela u-Isaka umlobokazi. U-Eliyeza waseDamaseku wayengumuntu omkhulu. Wayethandwa ngu-Abrahama, futhi wayethenjwa ngu-Abrahama ukuphuma ayozingela umlobokazi, uhlobo oluyilo lomlobokazi, wendodana yakhe, u-Isaka. Kulokho kuyovela uKristu.

94 Manje, u-Eliyeza, engumuntu womoya, wazi ukuthi kwakuchaza ukuthini. Uhlobo oluyilo lowesifazane lwalufanele lube yileyo—leyonkosikazi yendoda. Futhi wayezomkhetha kanjani na? Ehoreni lentshisekelo yakhe, ngenkathi efika emzini, wakhuleka wase ethi, "Nkosi Nkulunkulu!" Yileyonto-ke. Lapho uthola ukushisekela, hamba uyokhuleka. "Nkosi Nkulunkulu, makuthi intombazane yokuqala eqhamukayo futhi iphuzise ikamela, futhi ingiphuzise, kube yileyo." Wakhuleka ngehora lentshisekelo yakhe.

95 URebeka, intombazane enhle, wafika, waphuzisa ikamela. Wayesethi-ke, "Ningangilibazisi endleleni yami." Wayefanele afike esikhathini sokunquma ukuthi uyohamba yini. Wayengumfanekiso woMlobokazi. Ngabe uzo—ngabe uzohamba futhi ayogana indoda angakaze ngisho ayibone na? Manje, lokho yinto enkulu. Engakaze ngisho ayibone, nokho wayezwe kuphela ngenceku yayo.

96 Lowo ngumfanekiso woMlobokazi. Anikaze nimbone uKristu. Kodwa niyezwa, ngezinceku zaKhe, ukuthi Unjani. Nithengisa ngakho konke, nishiye amakhaya enu, konke okunye okukuthathayo, ukuba nihambe niMthole. Manje qaphelani, futhi wenza isinqumo, umfanekiso woMlobokazi, washiya ikhaya lakhe lehlelo, niyabo, ukuba ahambe.

97 UJona, waphonswa ngaphandle komkhumbi ngesikhathi sesiphepho, emkhawulweni wolwandle, esiswini somkhomo. Onke amathemba okusinda kwasekungasekho. Kodwa kwenzeka ukuba kufike emqondweni wakhe ukuthi uSolomoni, ekunikeleni ithempeli, wathi, "Nkosi, uma abantu bebasenkathazweni noma kuphi, futhi babheke ngakulelithempeli futhi bakhuleke, bese uzwa." Futhi eguquka esiswini somkhomo, waphumelela ukufinyelela ndawo ndawo ngamadolo akhe, sengathi ngiyabona, nobuhlanzo bomkhomo bukuyo yonke indawo kuye.

Lapho wakhuleka esentshisekelweni. Futhi kulokho, ukushisekela; ukuphefumula okumbalwa nje komoyampilo yilokho kuphela ayenakho esiswini somkhomo. Futhi kulokho kuphefumula okumbalwa ayekudonsa, mhlawumbe wayengazi ukuthi wayengaphi, futhi wathi, "Nkosi, ngikholwa ukuthi ngibheke phezulu ngasethempelini laKho." Futhi nokuphefumula okumbalwa nje ukuba ahambe, esentshisekelweni, wakhuleka, phansi kwalezozimo. Kungakaze kwenziwe ngaphambili, kodwa wayeshisekele. Wakhuleka, noNkulunkulu wamgcina ephilile izinsuku ezintathu nobusuku, futhi wamkhulula endaweni ukuba ethule umlayezo wakhe. Intshisekelo!

98 UHana, owesifazane oyinyumba eBhayibhelini, wayefuna indodana, futhi wayizilela. Futhi wazila futhi wakhuleka kwaze kwathi ngisho nompristi ethempelini wacabanga ukuthi wayedakiwe. Wayesentshisekelweni enjalo! Nabo bonke abanye besifazane bebhekisisa ukuthi nhloboni yesigqoko omunye ayeyifakile; futhi niyazi ukuthi kuhamba kanjani; nomunye ebuka ukuthi nhloboni yezingubo ababezigqokile, futhi bekhuluma ngezinto ezenzekayo epulazini. Kodwa qha uHana; wavele washaya ngonyawo wadabula kusosonke isixuku futhi waya e-altare. Wayekade ezilile. Wayefuna ihlazo lakhe lisuswe.

Kungumehluko omkhulu kangakanani namhlanje. Sekucishe kube yihlazo ukuba nomntwana. Kunanoma kwaku—kwakulihlazo ukungabi naye.

Futhi waguqa ngamadolo akhe. Futhi akazange asinake isithunzi sethempeli. Akazange amnake umpristi onesithunzi lapho ephuma. Wayesosizini olukhulu izinyembezi zakhe zaze zehla ngezihlathi zakhe, futhi wayekhala, esentshisekelweni, "O Nkosi Nkulunkulu, ngiphe indodana. Ngiphe indodana!"

99 Futhi, qaphelani, wayengenamhawu. Lapho uNkulunkulu emuzwa, futhi wawuphendula umkhuleko wakhe futhi wamupha indodana, wayibuyisela kuNkulunkulu. Futhi ngenxa yokuthi wavuma ukuba angabi namhawu emva kokuba uNkulunkulu wayesewuphendulile umkhuleko wakhe, Wamupha umprofethi. O, leso kwakuyisibusiso esithasiselwe. O, Ugcwele zona nje, lezozinto ezincane ezithasiselwe Aphana zona. Hhayi indodana kuphela, kodwa umprofethi. Futhi kwakukade kungekho mbono ovulekile iminyaka eminingi, ningi, kwa-Israyeli. USamuweli, umprofethi wokuqala, iminyaka eminingi, ningi, ngoba umama wathola ukushisekela; ukuthi wayengakwazi ukuba nabantwana, futhi wayesedlulile onyakeni wokuzala, mhlawumbe enamashumi ayisithupha, iminyaka engamashumi ayisikhombisa ubudala. Futhi wakhuleka ngokushisekela, ufanele abenaye lomntwana! Kwakuyini na? UNkulunkulu wayekhulumile kuye, akungabazeki.

100 Ungeke ushisekele kuze kube nguNkulunkulu okhuluma nawe. O, Bandla, sukuma uzithintithe! Ncweba unembeza wakho, zivuse wena, kulelihora! Sifanele sishisekele, noma sibhubhe! Kukhona okuzovela eNkosini! Ngikwazi njengo ISHO KANJE INKOSI. Kukhona okuzovela, futhi kungcono sithole ukushisekela. Kuphakathi kokuPhila nokufa. Kuyodabula kwedlule kithi futhi singeke sikubone.

101 Ngenxa yokuthi wayengenamhawu, waphiwa umprofethi.

102 Owesifazane waseShunemi wayenomfanyana umprofethi ayekhulume iZwi leNkosi ngaye, nakuba wayesegugile nomyeni wakhe esemdala. Babengenabantwana, kodwa wayenobubele kulo—lomprofethi. Futhi wayazi ukuthi wayeyindoda kaNkulunkulu. Wabona ukuthi wayehloniphekile, indoda eqotho. Ungena endlini, umyeni wakhe engekho lapho, noma yini okunye. Wayeyindoda engcwele. Babekwazi ukubona ukuthi wayengumuntu ohloniphekile. Wayembhekisisile enza izibonakaliso nezimanga. Wayemzwile esho izinto ezenzekayo. Wayehloniphekile, indoda engcwele.

Wathi kumyeni wakhe, "Ngiyabona ukuthi lendoda ema nathi iyindoda engcwele." Inenekazi lendlu, lazi ukuthi yayiyindoda engcwele. Futhi yamakhela indlu encane phandle lapho, ukuze angaphoxeki. Wayengeza lapho efuna, nokunye nokunye. Wabeka u—umbhede omncane ngaphandle lapho, ne—nesitsha samanzi, nokunye nokunye, ukuze akwazi ukuzigezela futhi kubekhona azokuphuza. Futhi mhlawumbe wayethumela incekukazi, noma omunye, umphathizinkwa, no—nokudla ukuba amphakele, futhi afike amfisele u—usuku oluhle, noma okunye.

103 Futhi, ngakho, lapho u-Eliya ebona lobububele obungaka benziwa kuye. Futhi kulotshiwe, "Enikwenza kwabancinyane baMi, nikwenza kiMi." Ngakho wakubona lokho, owesifazane

wayehlonipha uNkulunkulu njengoba wayehlonipha lomprofethi, njengoba ebone uNkulunkulu kumprofethi. Futhi, ngakho, wayengafuni lutho ngakho. Kwakungekho enhliziyweni yakhe nganoma yini. Wavele wakwenza nje ngoba wayemthanda uNkulunkulu. Akakwenzelanga sibusiso. Wavele wakwenza nje.

104 Manje, manje u-Eliya wathi, "Hamba umbuze, ngingamkhulumela enkosini na? Ngingumngane ngqo. Noma, induna enkulu, ngi—ngiyazi kahle kakhulu. Kukhona usizo oluthize, okuthize engingamenzela khona, ngifuna ukumupha okuthize ngalokho abeyikho kimi. U—ungondlile. Ungilalise emibhedeni. Futhi—futhi ubekahle kabi kithina. Manje ngingenzenjani na?"

Wathi, "Qha, ngizihlalela phakathi kwabantu bakithi nje. Si—sicebile. Sinakho okokuziphilisa, futhi yilokho kuphela. Asidingi lutho."

Wayesethi uGehazi kuye, "Kodwa akanabantwana."

105 Kungengaphezu nje kokuthi uGehazi wayesekubonile, akungabazeki umprofethi wabona umbono, ngokuba wathi, "ISHO KANJE INKOSI. Hamba umtshele, ngesikhathi esifanele, noma isikhathi esiyiso, unyaka kusukela manje, uzogona indodana."

106 Nendodana yazalwa. Lapho isineshumi nambili leminyaka ubudala. . . Kusho ukuthi lezozithandani ezindala zazimthanda kakhulu lomfanyana, umntwana wabo kuphela. Futhi ngelinye ilanga wayephumile esika ukolo, nobabayi wakhe. Cishe kwakuphakathi nemini, waba nokuguliswa yilanga, ngiyethemba, ngoba uqala ukumpongoloza, "Ikhanda lami." Waya ngokugula ngokugula. Ubabayi wakhe wamthatha wamsusa ensimini, futhi kwakuphuthuma kakhulu lapho, ngangokuthi waze wathumela inceku, futhi wayithumela ukuyongena.

107 Unina wayemgone ethangeni kwaze kwaba yisikhathi sasemini, futhi wafa. Qaphelani, umntwana wakhe kuphela, ayemnikwe yiNkosi, ngomkhuleko nesethembiso somprofethi no-ISHO KANJE INKOSI. Wazi ukuthi kwakukhona okuthize okungahambi kahle ndawo ndawo. Kwakungeke nje kusebenze. UNkulunkulu ubengamupha kanjani leyondodana amvumele a—ayithande leyongane na? Nokho wayengazange akucele. Waseguge kakhulu ukuba angaba nakho. Isandla sikaNkulunkulu sasimele sikumemezele. Umuntu wakukhuluma, umprofethi. Futhi nanso lengane ikulesisimo, isifile, indodana yakhe zwi.

Ngakho wathi encekwini, "Ngibophelele umnyuzi, futhi ugibele, futhi ungami. Uma umuntu ezama ukukumisa, ungathi vu, futhi ugibele uqonde eNtabeni iKamela. Phezulu lapho emgedeni ndawo ndawo, wahlehla, nanso inceku kaNkulunkulu oPhezu Konke; leyo eyangitshela, ISHO KANJE INKOSI,

ngizoba nengane. Ngifuna ukwazi ukuthi uNkulunkulu ukwenzeleni lokhu." Ngakho wathi . . . "Hamba uqonde phambili futhi ungawumisi lowomnyuzi. Ugijimise ngakho konke okukuwo. Ugijimise uze ufike lapho." Intshisekelo!

108 Futhi u-Eliya umprofethi wavuka, wabheka, wayesethi, "Nangu eza lowomShunemi, futhi, yena, akuhambi kahle kuye. UNkulunkulu ungifihlele khona. Angazi ukuthi yini engalungile." Wathi, "Hamba, umhlangabeze. Ngine . . . Asisheshise. Kukhona okungalungile."

Intshisekelo yahlala kumprofethi, intshisekelo kowesifazane. Niyabo, babehlangana ndawonye; omunye efuna ukwazi ukuthi iZwi leNkosi laliyini, nomunye wayengalazi iZwi leNkosi ukuthi laliyini. Nakho lapho okhona. Omunye efuna ukulazi, nomunye wayengalazi. Owesifazane wayefuna ukulazi, futhi umprofethi wayengalazi. Wathi, "UNkulunkulu ungifihlele khona. Angazi ukuthi ngizomtshela ukuthini uma efika lapha."

Ngakho cishe wayeselapho ngalesosikhathi. Waphakamisa isandla sakhe, wathi, "Nisahlezi kahle na? Indoda yakho isahlezi kahle na? Umntanakho usahlezi kahle na?"

109 Manje, owesifazane wayesefinyelele ekupheleni kwentshisekelo yakhe. Wathi, "Sisahlezi kahle!" Udumo! "Sisahlezi kahle!" Intshisekelo yakhe yase iphelile. Wayesethole inceku yeNkosi. Ukuba wayekade engekho lapho, wayeyolokhu esentshisekelweni. Kodwa, niyabo, wayelapho. Wathi, "Sisahlezi kahle!"

U-Elisha wacabanga, "Awu, kwenzekani manje na?"

110 Ngakho wakhuphuka egijima wase ewela ezinyaweni zakhe. Lokho kwabukeka kungokungejwayelekile, ngakho uGehazi wavele wamphakamisa. Wathi, "Myeke, ungakwenzi lokho." U-Eliya wathi encekwini yakhe, "Ungakwenzi lokho. Myeke. Kukhona okungalungile. UNkulunkulu ungifihlela khona." Wase-ke owesifazane ekwembula kuye ukuthi ingane yayisifile.

111 Manje, umprofethi akazanga ukuthi kufanele enzeni. Wathi, "Gehazi, thatha loludondolo ebengihamba ngalo." Wayazi kuthi noma yini ayeyithinta yayibusiswa, ngoba kwakungesuye, kwakunguNkulunkulu ekuye. Wayezazi ukuthi wayengubani. Wayazi ukuthi wayengumprofethi. Ngakho ucosha loludondolo wayesethi, "Gehazi, thatha lokhu, futhi uhambe ulubeke phezu komntwana. Futhi uma umuntu ekukhulumisa, uthole ukushisekela. Futhi ungabingeleli muntu, futhi ungavumeli . . . Qhubeka nje uhambe, ungakhulumisi muntu. Ulubeke phezu komntwana."

112 Kodwa, owesifazane, lokho akuyiqedanga intshisekelo yakhe. Lokho akukwenelisanga akuzele. Wathi, "Kuphila kweNkosi uNkulunkulu, angi—angiyikukushiya uze uhambe wenze inkonzo kumntwana."

113 No-Eliya wathola ukushisekela. Futhi nangu ehamba, ezansi ngomgwaqo, yena nowesifazane. Futhi lapho befika lapho, u. . . bonke abantu babephandle egcekeni, bedazuluka bekhala. Nowesifazane wayenze into efanele kunayo yonke ayengayenza. Wathatha ingane wase eyilalisa embhedeni lapho u-Eliya wayelale khona. Lokho kwakufana nodondolo lwakhe. Futhi akazange avuke lapho, ngakho into ayizange isebenze. Owesifazane wayefuna ukwazi okuthize okwehlukile.

114 Umprofethi wangena. Manje usentshisekelweni. Manje uzokwenzenjani na? Futhi siyathola eBhayibhelini ukuthi wehla wenyuka kwiphansi, eshisekele. "Angikwazi okunye engingakwenza, Nkosi. Ngilapha. Ungitshele ukuba ngikhulume lokho kulowo wesifazane, no-ISHO KANJE INKOSI. Futhi kube ngayo impela indlela engimtshele ngayo, ngoba Ungitshelile. Manje, nango usenkathazweni, futhi angazi ukuthi ngizokwenzenjani. Nakho kulele umfana ofile. Ngingenzenjani, Nkosi na?"

115 Akungabazeki uMoya oNgcwele wathi, "Uma uNkulunkulu ekuwe, khona-ke lala wena phezu kwengane." Into yokuqala uyazi, wama, wagijima futhi wabeka izandla zakhe phezu kwezandla zayo, ikhala lakhe phezu kwekhala layo, izindebe zakhe phezu kwezindebe zayo. Futhi ngenkathi elala yena phezu kwayo, ingane yathimula kasikhombisa. Intshisekelo yase iphelile.

Ingane yaphila, ngenxa yokuthi intshisekelo yaqhubela owesifazane kumprofethi, nentshisekelo yaqhubela umprofethi enganeni. Futhi intshisekelo kubo bobabili yadonsela uNkulunkulu esigcawini. Nothando lukaNkulunkulu, nothando ngabantu bakhe, lwehlisa uthando lukaNkulunkulu, futhi lwaphonsela ukukholwa phandle ekhaleni lempi, nomsebenzi wenziwa. Indaba yavalwa. Amen! Yilokho-ke. Intshisekelo iyakwenza. Impela! Wayengezukushiya.

116 Impumputhe uBartimewu wacabanga ukuthi uJesu wayezomedlula, ehlezi laphaya esangweni, impumputhe empofu, efuna izipho ezinikwa abampofu. Into yokuqala uyazi, wezwa umsindo; uJesu wayedlula. Wathi, "Ubani owedlulayo na?" Omunye wamsunduzela phansi. Wathi, "Ngisize, bakithi, ubani owedlulayo na?"

Omunye wabo, awu, mhlawumbe owesifazane omncane onesihawu ongumfundi, wathi kuye, wathi, "Mnumzane, awazi ukuthi uBani lowo owedlulayo na?"

"Qha. Ngiyabezwa abanye babo bethi, 'Kukhona indawo yamathuna enkulu egcwele abantu abafile enhla lapha. Uma uvusa abafileyo, hamba ubavuse.' Ngabe umhlambalazi noma omunye umuntu na?"

"Qha. Sewake wezwa ngalowoMprofethi waseGalile, lowoMprofethi osemncane obizwa ngoJesu waseNazaretha na?"

"Qha."

"Awu, uyazi, eBhayibhelini kuyasho emibhalweni yakithi egoqwayo ukuthi iNdodana kaDavide iyovuswa ukuhlala kuso. Yiyo leyo."

"Ngabe Yiyo leyo na? Ngabe Yiyo leyo, futhi Iyedlula na?"

Intshisekelo yayiqhubela ukuba idazuluke, "O Jesu, Wena Ndodana kaDavide, ngihawukele!"

> Mawungangedluli, O Msindisi omnene,
> Yizwa ukukhala kokuzithoba kwami;
> Lapho Ubabiza abanye,
> Mawungangedluli.

"O Jesu!"

Abanye babo bathi, "Thula! Ubanga umsindo omkhulu kakhulu."

117 Kodwa wayeshisekele. Uma Edlulile, wayengahle angabi nalo elinye ithuba. Singahle singabi nalo nathi; lobu kungahle kube ubusuku bokugcina. Intshisekelo! Wamemeza kakhulu, "O Jesu!" Akunandaba ukuthi ubani owamtshela ukuthi akayeke, wakhala ngokufanayo nje, ngokuzwakala kanjalo kakhulu impela. Lapho bemtshela ukuthi akathule, kwamenza wamemeza kakhulu. Wayeshisekele. Akekho owayengammisa. "Wena Ndodana kaDavide, ngihawukele!" Futhi wamemeza kakhulu esentshisekelweni.

118 Futhi iNdodana kaNkulunkulu, nezono zezwe zisemahlombe aYo, iya eJerusalema ukuba iyonikelwa phezulu, ngaso lesosikhathi, ibe ngumhlatshelo wezwe, yama emikhondweni yaYo. Intshisekelo, ukukhala kokushisekela, kwamisa iNdodana kaNkulunkulu. Yathi, "Ufuna ukuba Ngikwenzeleni na?" O!

Yathi, "Nkosi, ukuba ngibone."

Yathi, "Hamba-ke, ukukholwa kwakho kuyakusindisa."

Lokho kwakwenele. Intshisekelo! Lapho intshisekelo izokwemukela okuthize, ukuthinta okuncane ncu ncu, ukukholwa kuyakubamba. Niyabo? Ayizange ithi, "Manje awume umzuzu, awume kancane, bamba lapho umzuzu nje, ake ngibone ukuthi ngingabona yini manje. Angikaze ngizibone izandla zami, iminyaka eminingi. Ake sibone ukuthi ngingasibona yini. Angikaboni lutho okwamanje." Lapho uJesu ethi, "Ukukholwa kwakho kukusindisile," lokho kwakwenele. Yilokho kuphela eyayikufuna.

119 Intshisekelo ibiza indikimba, futhi lapho indikimba, akunandaba noma ngabe ilufifi kangakanani, iyemukelwa, iyakholeka ngaso lesosikhathi, ngoba ukukholwa kuyabamba lapho intshisekelo ikufuqa. Niyabo? Uthando phakathi lapho luxubana nakho bese lukuletha kukho. Intshisekelo iyakwenza.

Impumputhe uBartimewu wakubamba ngokushesha ukubona.

120 UPetru, wonke wayenesitimu wonke, ngobunye ubusuku olwandle, ngenkathi engena entshisekelweni. Futhi uqala ukumemeza kakhulu, "Kukhona okungalungile. Ngibona ithongo liza, liza kimi!" Umkhumbi wawusuzocwila. Wathi, "Uma kunguWe, Nkosi, yisho ukuba ngize kuWe phezu kwamanzi." Wayesehla-ke emkhunjini waqala; futhi wesaba ngenkathi eseqalile, futhi waqala ukucwila, nentshisekelo . . . Nakuba iphutha, ekuzameni ukulandela imiyalo kaNkulunkulu, . . . Ngiyethemba ibandla liyakuthola lokho. Umuntu wayenza lokho ayekutshelwe nguNkulunkulu ukuba akwenze.

121 Manje, wena mKristu kulobubusuku, usendleleni yomsebenzi, uzama ukulandela ukuhola kukaMoya oNgcwele; nomdlavuza wakubhozomela, noma u—ukufa kukubhozomele, umdlavuza, ixhwala, noma ngabe kuyini. Usendleleni yomsebenzi, unelungelo elifanayo uPetru ayenalo.

"Nkosi, ngisindise, kungenjalo ngizobhubha." Entshisekelweni wamemeza, nesandla safinyelela samcaphuna. Unento efanayo. Kodwa wamemeza kakhulu, "Ngisindise, Nkosi!"

> Wakuzwa ukukhala kwami kokushisekela,
> Emanzini wangiphakamisa, manje sengiphephile. (Niyabo?)

122 Yilokho-ke, lapho umemeza kakhulu!

123 Mhlawumbe lona wesifazane, umama, noma ngabe kwakuyini kuye, indodana encane, noma umzukulu, noma umshana, noma ngabe kwakuyini, wamemeza kakhulu ekushisekeleni. UNkulunkulu wezwa.

124 Bese kuthi-ke siyathola ukuthi, ekucwileni, uNkulunkulu wamuzwa. Endleleni yomsebenzi, waqala ukucwila. Wehluleka. Akunandaba noma wehluleka, lokho akuhlangene nakho. Sonke siyehluleka. Singohlulekayo, ukuqala nje. Kodwa sinoMuntu omile manje nesandla esinamandla, Ongafinyelela kithi futhi asenyusele ngaphezu kwamanzi.

125 Uma wenze iphutha, owesifazane omunye wenza iphutha, omunye wesilisa wenza iphutha, omunye umfana noma intombazane yenza iphutha; ningacwili. Memezani kakhulu, ekushisekeleni, "Nkosi, ngisindise, kungenjalo ngizobhubha!" Thola ukushisekela ngakho. UNkulunkulu uzokuzwa. Njalo Uyawuzwa umphefumulo oshisekele. Yilokho engizama ukunitshela ngakho.

126 INkosi yethu ethandekayo uJesu, qobo lwaKhe, enkundleni yempi yezwe enkulu kunazo zonke, eGetsemane, Wamemeza kakhulu, ekushisekeleni. Azithathe izono zezwe, noma Ahlale

nje emhlabeni nabafundi baKhe abathandekayo, yini Ayefuna ukuyenza na? Kodwa qaphela intobeko yaKhe lapho Ezithoba qobo lwaKhe, "Akungabi intando yaMi kodwa kwenziwe eyaKho," wazithoba qobo lwaKhe eZwini, iZwi elithenjisiwe likaNkulunkulu weZulu.

Qaphelani, kwathi-ke, Waqhubeka ingcosana. Futhi uma Aqhubeka ingcosana, kangakanani-ke thina esifanele ukuqhubeka ingcosana. Niyabo? Futhi qaphela, umBhalo uyasho lapha, kuLuka, ukuthi Wakhuleka eqinisela. Mfowethu, dadewethu, uma uJesu wadingeka akhuleke eqinisela, thina sifanele kangakanani ukukhuleka siqinisele. Uma uKristu, uNkulunkulu weZulu, wenziwa inyama, wadingeka akhuleke eqinisela, khona-ke sifanele kangakanani thina, izoni ezisindiswe ngomusa, ukukhuleka siqinisela! Uma—uma isinqumo saphonsa iNdodana kaNkulunkulu ekushisekeleni, siyokwenzani kuwe nakimi na? Sifanele simemeze ngokushisekela.

127 UNkulunkulu, kulezizinsuku zokugcina, Uzibonakalisile kanjalo kithina, ngezibonakaliso zaKhe ezinkulu namandla, kufanele kusenze sishisekele. Kunjalo. Nokuthanda kwaKhe ukusiphulukisa futhi asisindise, bekufanele kusiphonse sonke entshisekelweni ukuba sifinyelele kuleloTshe lokuphulukisa. Kunjalo.

128 Bukani, uma uFlorence Nightingale . . . Umzukulu kamzukulu kaFlorence Nightingale ongasekho owasungula isiPhambano esiBomvu. Nisibonile isithombe sakhe encwadini, esinda cishe amaphawondi angamashumi amathathu. Umdlavuza wase umudle wamqeda. ELandani, eNgilandi; bamletha evela e-Afrika, waya eLandani, eNgilandi. Futhi lapho ekushisekeleni . . . UMfowethu Bosworth wambhalela wamphendula wase emtshela, wathi, "Asikwazi ukuza e-Afrika."

129 Wambhalela wamphendula, wabhalelwa ngumhlengikazi wayesethi, "Angikwazi ukunyakaziswa. Angikwazi ukukwenza."

Kwakhonjiswa isithombe. Nisibonile isithombe. Kuphela nje sabeka isiqeshana ukusimboza. Sasinentanjana ezungezile. Ngacabanga ukuthi mhlawumbe omunye, usifake encwadini, angahle agxeke ngoba waye . . . umzimba wakhe wawusobala kakhulu lapho, ngangokuthi . . . futhi sabeka intwanyana yanquma kuye *lapha*. Nje wayene—nendwangwana, ithawula licabekiwe lanquma, lanquma ezinqulwini zakhe. Kodwa kwesingenhla, kwakungekho lutho. Futhi ngisho . . . Kodwa sacabanga ukuthi sizobeka isiqeshana sephepha kuso bese sithatha isithombe i . . . sithatha isithombe lokho. Kuvimbela abantu abangenaso isimo sokucabanga kahle engqondweni yabo, ukuze bangangigxeki ngokufaka lesosithombe ephepheni.

130 Kwathi-ke lapho udokotela ethe angeke anyakaziswe, futhi wayazi ukuthi ngangizovakashela eNgilandi, wabenza bamfaka ohlakeni, base bemthwala bemyisa endizeni, base bemletha eLandani, eNgilandi, base bethumela umqaphi aye endizeni ngaphambi kokwehlela eBuckingham Palace, bathumela umlindi lapho ukuba eze amkhulekele. Futhi wayesegule kakhulu waze wangabe esakwazi ngisho ukungikhulumisa. Badingeka bamphakamise izandla zakhe ukuba basifake kwesami.

131 Niyazi ukuthi iLandani injani, abanye benu mabutho nake naba lapho. Kuhlala njalo kunenkungu. Futhi ngaguqa phansi lapho ngasefasiteleni, futhi wa . . .

Izinyembezi zaziphophoza. Wayefuna uku . . . Angazi ukuthi wakwazi kanjani ngisho ukuthola umhwamuko owenele ukuba akhiphe izinyembezi. Ngamathambo nje kuphela, embozwe yisikhumba; nemilenze yakhe—yakhe phezulu lapha ezinqulwini kwakungengaphezulu, kwakubukeka kimi, sengathi kucishe kube amayintshi amabili ukunquma, noma amayintshi amathathu. Imithambo yakhe kwase kuyisinabalala. Ukuthi wayephila kanjani, angazi. Nisibonile isithombe sakhe kamuva.

132 Ngaguqa phansi ngaseceleni kombhede. Manje, wayeshisekele; noma ngingeza noma qha, bazomletha, noma ikanjani. Futhi ngaguqa lapho, inhliziyo yami yayopha phakathi kwami, ngokukholwa kwaleso esimpofu, esincane, isidalwa esifayo, futhi ngakhuleka ngenhliziyo yami yonke enganginayo. Futhi kwathi ngisaqala ukukhuleka, ihobhe elincane lafika, landizela efasiteleni, laqala ukuhamba lehla lenyuka, likhala. Ngangicabanga ukuthi kwakuyisilwane esifuyiweyo. Ngangingakaze ngibe seNgilandi kodwa cishe ihora, ngisanda nje kuphuma esikhumulweni sezindiza ezansi lapho. Futhi ngangicabanga ukuthi kwakuyisilwane esifuyiweyo. Futhi lapho ngivuka, futhi ngathi, "Amen," lasuka landiza.

Futhi ngaqala ukubuza abazalwane, ukuthi balizwile yini lelojuba. Futhi babekhuluma ngalo, futhi ngenkathi ngiqala ukuthi, "Nibonile, ukuthi lelojuba lichaza ukuthini . . . " Kuphimiseleka ukuthi, "ISHO KANJE INKOSI, uzophila futhi awuzukufa."

Futhi uyaphila namhlanje. Ngani na? Intshisekelo. Intshisekelo yaqhubela owesifazane ukuba ame ngomumo, aphile noma afe. Intshisekelo yakulungiselela ukuba afinyelele lapho ngesikhathi esifanayo engafika ngaso. Nophawu oluvela kuNkulunkulu, Wathumela ijuba, ukuba linikeze u ISHO KANJE INKOSI. Ukushisekela!

133 Ngenkathi udade, uHattie Waldrop omdala wasePhoenix, e-Arizona, wayeza ekhuphuka ngendlela eseceleni komgwaqo, emhlanganweni wami wokuqala. Oqashile nomyeni wakhe

wayemletha; umdlavuza wenhliziyo. Wayeme ngomumo, ekuzameni ukufinyelela lapho emhlanganweni, kodwa wayemubi kabi waye...engasakwazi ukuphefumula, igazi laliconsa emuva ngenhliziyo yakhe lapho umdlavuza wawusudle khona enhliziyweni yakhe. Manje, umdlavuza wenhliziyo! Lokho sekuthi akube yishumi nesishiyagalombili, iminyaka elishumi nesishiyagalolunye eyedlule, mhlawumbe amashumi amabili, 1947 kwakungawo.

134 Manje, wathi kumyeni wakhe nakoqashile, "Uma noma ngifela kulomugqa, ningikhuphulele laphaya." Intshisekelo. Wahanjelwa umqondo. Angicabangi ukuthi wayesefile; wazisho ukuthi wayesefile. Manje, kungenzeka ukuthi wayekade esefile. Angayizwa leteyipu, niyabo. Manje ngi—ngi—ngi...Yena, wazisho ukuthi wayesefile; angazi. Bangitshela, "Kukhona owesifazane osefile owenyuka ngomugqa." Futhi lapho owesifazane efika, wayengasenakho ukuphila. Futhi ngenkathi bemletha enhla lapho, iZwi leNkosi lafika; futhi ngahamba ngambeka izandla, futhi wavuka futhi wahamba waya ekhaya, ezihambela. Lokhu sekuthi akube, ngingathi, kahle, ishumi nesishiyagalombili leminyaka eyedlula, futhi nje uphile saka nangamandla...Uzoba seTucson ukungibona lapho ngifika ezansi lapho. Intshisekelo, "Noma ngingafela emgwaqeni, noma kunjalo, kodwa ningehlisele lapho. Waphulukisa abanye, Uzongiphulukisa." Ukuvuma!

135 Izinhliziyo zethu mazigcwaliswe ngothando kulolusuku, futhi siqinisele, nasentshisekelweni. Emva kwesikhashana singahle isikhathi sibe sesedlule.

136 UJayiru ngesinye isikhathi wayenendodakazi encane eyayifa. Wayeyikholwa elithiyeka emnceleni. Wayemkholwa uJesu, kodwa wayesaba ukukuvuma, ngoba babezomkhipha esinagogeni. Kodwa udokotela uyafika ngokunye ukusa, futhi uthi, "Iyafa manje." Intshisekelo yangena yahlala. Wayengenakukumela, njengesikhundla sakhe, ukuba abanjwe enoJesu waseNazaretha, ngoba wayezolahlekelwa yisikhundla sakhe njengompristi.

Kodwa ngiyanitshela, lapho kuvela okuphuthumayo, kwamphonsa entshisekelweni. Sengiyambona efunisisa ijazi labashumayeli elincane nesigqoko, wakufaka ngokushesha. Nangu eza ehla edabula esixukwini, ecindezela macala onke; lapho okwakukhona owesifazane owavele wathinta ingubo yaKhe, nokunye nokunye, futhi bonke babememeza. Kodwa wahamba wangena wayesethi, "Nkosi, intombazanyana yami ilele isiseduzane kokufa. Nkosi, Nkosi, intombazanyana yami ilele isiseduzane kokufa, futhi uma nje Ungeza uyibeke izandla zaKho, izophila." O, he! Intshisekelo ikwenza usho izinto ngezinye izikhathi, ikwenza wenze izinto. Ikubeka emnyakazweni. Indodakazi yakhe yasindiswa intshisekelo.

137 Asishisekele, njengalowo wesifazane omncane owayenomopho. IBhayibheli lathi wayechithile yonke imali yakhe, ezinyangeni, kepha nokho abakwazanga ukumsiza. Wayeqale esikhathini sokuya esikhathini, ukuwululeka, nomopho, futhi akufunanga ukunqamuka. Mhlawumbe base bethengise ngepulazi, iminyuzi, amahhashi, futhi noma kwakuyini; futhi alukho olwamsizayo. Nabapristi babo babemtshele ukuthi angalokothi aye ngasentweni enjalo. Kodwa ngokunye ukusa wabheka phansi. Wayehlala enhla ogwini, enhla lapho ipulazi lakhe lalikhona, futhi wabona isigejane esikhulu sabantu bebuthana bezungeze uMuntu ezansi lapho, futhi bathi, “Yini leyo?”

Bathi, “Lowo nguJesu waseNazaretha.” Intshisekelo yangena yahlala.

Wathi, “Ngithi ukuba mncinyane. Ngi—ngi . . . Kodwa uma ngingahle kuphela ngithinte umphetho wengubo yaKhe, ngizakusindiswa.” Futhi wedlula kuwo wonke umgxeki nakho konke okunye. Kodwa khona lapho wafika endaweni, wathinta ingubo yaKhe, esentshisekelweni.

Futhi lapho Ekwenza, Waphenduka wayesethi, “Ngubani oNgithintileyo na?” Futhi bonke bakuphika. Kodwa Waqalaza. Wayengenwe yisiphiwo esikhulu sikaNkulunkulu. WayenguNkulunkulu; futhi Wafumana owesifazane omncane futhi wamtshela ukuthi umopho wakhe wase unqamukile. Intshisekelo yamqhubela ukuba enze lokho.

138 Kwakuyintshisekelo eyaqhuba—qhuba inkosikazi yaseNingizimu. Yezwa ukuthi isiphiwo sikaNkulunkulu sasisebenza ngoSolomoni. Intshisekelo yayiqhubela kulokho.

139 Ngokushisekela! Lokho yizidalwa ezingabantu, njengawe, njengami. Babengahluke ngalutho kuwena nami. Babenemizwa emihlanu. Bayadla, futhi baphuze, nokunye nokunye, njengoba senza, siyaphila futhi siyafa. Babeyizidalwa ezingabantu.

140 Sayiqhubela entshisekelweni enkulu yaze yathatha ingxenye yombuso wayo. Sayiqhubela endaweni yaze ayangabe isacabanga ngabakwa-Ishmayeli ababezoyiphanga ogwadule, izinsuku zayo ezingamashumi ayisishiyagalolunye emhlane wekamela inqamula uGwadule iSahara. Intshisekelo! Iyahamba, noma ikanjani. Futhi ngenkathi ifika lapho, alukho olwafihlakala kuSolomoni kepha wayitshela konke eyayifuna ukukwazi. Intshisekelo! UJesu wathi, “Iyakusukuma ngoSuku lokwaHlulelwa, kanye nalesisizukulwane, futhi isilahle, ngoba omkhulu kunoSolomoni wayelapha.” Intshisekelo!

141 Sengivala ngingasho lokhu. Esikhathini esingeside esedlule, ezansi eMexico, ngibone okuthize okunentshisekelo. Ngavele ngaya emsamo, lapho enkundleni enkulu, nabantu babekade belokhu belapho kusukela ngelesishiyagalolunye nqo ngalokho kusa, futhi kwase kuthi akube ngeleshumi nqo ngalobobusuku.

Indoda endala eyimpumputhe, ngobusuku bakuthangi, iphuphutheke ngci cishe iminyaka engamashumi amathathu, yakuthola ukubona kwayo, futhi yayijikeleza idolobha ngalolosuku, ifakaza. Inqwaba yezingubo ezindala, zihleli cishe amashumi amathathu, amayadi angamashumi amane, ziphakeme *kangako*, amatshali amadala nje. Kwakukhona cishe amashumi amane, abantu abayizinkulungwane ezingamashumi amahlanu lapho. Nezigqoko ezindala namatshali, ukuthi ayengakabani, ngicabanga ukuthi babezonquma lokho phakathi kwabo. Futhi liyayidliva imvula.

142 Futhi bangehlisela intambo, ngale kobonda, futhi ngaya emsamo. Umfundisi . . . Indoda ehlezi lapha, bayilethela . . . Yona nendodakazi yayo behla bevela eMichigan imizuzu embalwa eyedlule, kwakhulunywa ngoMfowethu Arment. Siyamkhumbula lapha. Usezitaladini zaseNkazimulweni kulobubusuku. UMfowethu Arment wayelapho, wayesekhumula ijazi lakhe, wayesema emvuleni, wayeselinikeza uMfowethu Jack Moore ukuba aligqoke, ngoba uJack wayeqhaqhazela. UmNingizimu wayesezoqanda hleke kuleyomvula ebandayo lapho eMexico. Futhi nango wayemi lapho.

143 NoBilly Paul ufika kimi, indodana yami, wayesethi, "Babayi, kuzodingeka kubekhona okwenzayo. Kukhona owesifazane omncane ongumMexico phansi lapho nengane efileyo efe kulokhukusa. Anginabo abangenisi abeneleyo ukumbamba angangeni emgqeni." Uma ukubeka izandla kuleyondoda eyimpumputhe kuyenza ibone, ukubeka izandla enganeni yayo efile bekungayiphilisa. WayeliKatolika. Futhi, yena, abakwazanga ukumvimba.

Futhi uMfowethu Espinoza nabanye babemtshelile ukuthi, "Asisenawo amakhadi okukhulekelwa. Uzodingeka ulindele obunye ubusuku."

144 Wathi, "Ingane yami ifile. Ibifile kusukela kulokhukusa. Kufanele ngifinyelele phakathi lapho." Futhi wayeza, ikhadi lokukhulekelwa likhona noma lingekho. Futhi bamisa umugqa wabangenisi abangamakhulu amathathu lapho. Futhi wayevele achushe phansi kwemilenze yabo, futhi avele agxume ajombe phezu kwemihlane yabo, futhi agijime nalengane efileyo, futhi awe phansi phakathi kwabo. Akwenzanga mehluko kuye; wayezama ukufinyelela lapho. Wayeshisekele. UNkulunkulu wayekhulumile enhliziyweni yakhe, ukuthi, "UNkulunkulu okwaze ukuvula amehlo, angaphilisa." O, he! Wayeshisekele. Kukhona okwavutha phakathi kuye.

145 O, bantu abagulayo, uma beningavumela lokho kuvuthe phakathi kini imizuzu embalwa, bese niqaphela ukuthi kwenzekani, lolohlobo lwentshisekelo. UNkulunkulu okwaze ukuphulukisa lomfanyana ngobunye ubusuku, ubengaliphulukisa lelonenekazi elinomdlavuza, aphulukise

lendoda, futhi enze lokhu, uNkosazana Florence Nightingale, o, amashumi ezinkulungwane! Yena, ukuthi, ubufakazi obungenakuphikiswa; evusa abafileyo, futhi ephulukisa abagulayo, nakho konke okunye. Uma EnguNkulunkulu, angakwenza lokho; UnguNkulunkulu izolo, UnguNkulunkulu namhlanje. Shisekela, khona-ke uzokwenzelwa okuthize.

146 Khona-ke, kuleyontshisekelo, wayelokhu ejahile. Ngathi kuMfowethu Jack Moore, ngathi, "Akangazi. Akaze angibone. Akazi ukuthi ngubani ophezulu lapha emsamo. Lowo wesifazane omncane oliKatolika, manje, wayengakwazi ukukhuluma nelilodwa igama lesiNgisi, ngakho ngakho-ke wazi kanjani ukuthi ubani na?" Ngathi, "Qhubeka wehle, ukhulekele ingane, futhi lokho kuzomenelisa, futhi uzoqhubeka ahambe." Ngathi, "Futhi kungeke kubange . . . " Kwakulokhu kungukububula njalonjalo ezansi lapho. Wayegxuma phezulu, futhi wonke umuntu uyodazuluka. Wayegijima ajombe phezu kwamahlombe abo, futhi awe phakathi kwabo. Uyozuza amafidi ambalwa, bese babuye bazame ukumbuyisela ngaphandle emuva; futhi nangu uyovele apulukutshele phakathi kwemilenze yabo, ebambe lengane, ephatha kabi abangenisi nakho konke okunye. Akwenzanga mehluko, wayenyukela lapho. Wayefanele afinyelele lapho! Akwenzi mehluko ukuthi kwakuyini, wayezofinyelela lapho. Kwakunomfundisi . . .

147 Manje leyo akusiyo yini indaba efana nowesifazane waseShunemi na? Kuphela, lokho kwakungesikho emashumini amathathu nanhlanu ezinkulungwane zeminyaka eyedlula. Lokho kwaba seminyakeni emithathu eyedlula, noma emine. Niyabo?

Bangaba yinto efanayo kulobubusuku. Ngenkathi intshisekelo efanayo iqubuka, iyophonsa uthando nokukholwa phezulu lapho ekhaleni lempi, ukubiza lokho okufunayo, ngoba yisethembiso sikaNkulunkulu ukuthi ungaba nakho. Kunjalo impela.

148 Ngaphenduka; mina, umfundisi, noma umvangeli endaweni. Ngaphenduka. Ngamdabukela owesifazane, kodwa akukho ntshisekelo. Niyabo? Ngaphenduka ngase ngicabanga, "Awu, uMfowethu Jack uzomkhulekela, nalokho—lokho kuyakuxazulula." Ngaguquka. Ngathi, "Njengoba bengikhuluma manje, ukukholwa . . . "

Futhi ngabuka laphaya, futhi kwabakhona umbono. Ngabona inganyana ihlezi lapho, ubuswanyana obumnyama, ingane engumMexico ingenamazinyo. Kwakungihleka, kuhlezi kulaphaya. Ngathi, "Manini kancane. Manini kancane." Intshisekelo yakhe yaqhuba uMoya oNgcwele ukuba aguqule indaba yami, aguqule amehlo ami futhi angikhombise ingane yakhe ihlezi lapho. Lokho kwathumela uMoya emuva. Ngathi, "Manini kancane. Manini kancane. Nginikezeni ingane."

Nangu eza nencane, emanzi, enethile, ingubo yokulala enokuluhlaza okwesibhakabhaka nokumhlophe, okuncane, okusesimweni sokufa okuthi akube kude *kangaka*. Wawa, nesiphambano esinesithombe esandleni sakhe, noma irosari, ukuba asho laba o "yethi Mariya." Ngamtshela, "Libeke phezulu, lokho akunasidingo."

Futhi uyenyuka wasondela lapho engangikhona, wayesedazuluka futhi wampongoloza, "Padre," okuchaza ukuthi, "Fata."

Ngathi, "Ungakusho lokho. Ungakusho lokho. Uyakholwa na?" Wayesekusho ngeSpanishi owesilisa kuye, ukuthi ukholiwe yini.

"Yebo," ukholiwe. Wambuza ukuthi ukholwe kanjani. Wathi, "Uma uNkulunkulu engavula amehlo alelokhehla, angayiphilisa ingane yami." Amen. Intshisekelo yamqhubela kulokho. Akukho lutho ngesingami; ngabona umbono nje.

Ngathi, "Nkosi Jesu, ngibone umbono wenganyana, kungahle kube yilena."

Ngalesosikhathi yakhahlela izinyawo zayo, yathi, "Wa! Wa! Wa!"

Ngathi, "Mlandele aye kudokotela. Uthole isitatimende esibhaliwe esivela kudokotela, 'Leyongane ifile.'" Futhi ku . . . udokotela wasibhala isitatimende, "Lokho kuphefumula kwengane, inhliziyo ime namhlanje ekuseni, ehhovisi lami ngelesishiyagalolunye nqo, ibulawe yinyumoniya ephindwe kabili." O, ingane iyaphila eMexico kulobubusuku, ngokwazi kwami. Ngani na? Intshisekelo yahlala ngaphakathi phezu kwenhliziyo kamama, ekhalela umntwana wakhe, owayebone uNkulunkulu enza . . . ephulukisa amehlo endoda ayimpumputhe, futhi wazi ukuthi Ubengayivusa ingane efile.

149 Intshisekelo! "Lapho uNgifuna ngenhliziyo yakho yonke, khona Ngiyokuzwa." Niyabo?

150 UMbuso! "Umthetho nabaprofethi kwakukhona kwaze kwafika uJohane. Kusukela kulesosikhathi, uMbuso weZulu ubushunyayelwa, nomuntu uphika ngokufuzula kuWo." Awuvele nje ume uzungeze bese uthi, "Ngiphakamise ngokhololo, Nkosi, ngifuqele phakathi." Uphika ngokufuzula kuWo. Uthola ukushisekela, phakathi kokuPhila nokufa.

151 Ngifisa sengathi benginesikhathi senye indaba, ebengiyicabanga khona manje, yowesifazane, intombazane, yathatha umgwaqo okungesiwo, nokuthi yayisiphenye kanjani amakhasi amasha nezinto, ngaze ngathi, "Dadewethu . . . "

Yasukuma yayisithi, "Ngi—ngikholwa ukuthi ngizolunga."

Ngathi, "Qha, qha! Hlala lapho."

Kwase-ke, into yokuqala uyazi, yaqala ukukhuleka kancanyana, futhi emva kwesikhashana yaya ngokuphakama ngokuphakama. Emva kwesikhashana yashisekela, yathi, "O Nkulunkulu, ngisindise!"

152 Abosizo ngokuhlushwa wuPhuzo abakwazanga ukukwelapha. Akukho lutho okunye okwakungakwazi ukulwenza. Kodwa lawo amakhulu, amehlo amnyama angibuka, nezinyembezi ziqathaka ezihlathini zayo; yathi, "Kukhona osekwenzekile." O, ya! Yebo, mnumzane! Kukhona okwenzekile. Washisekela.

153 Masishisekele ngalokhu; phakathi kokufa nokuPhila.

154 Uma ungekwazi ukushisekela, ungezi wedlule lapha. Uma ushisekele, woza lapha uqaphele, u—uzokuthola uma nje usufike lapha.

155 Asikhuleke. Entshisekelweni qaphela uMbuso kaNkulunkulu, Uzofika phezu kwakho.

156 Baba wethu waseZulwini, ngikhuleka kuWe eGameni likaJesu, yiba nomusa kithi, Nkosi. Futhi qala kithina intshisekelo. O Nkosi Nkulunkulu, sihawukele, ngiyakhuleka, futhi abantu mabafune Wena kulobubusuku ngezinhliziyo ezishisekele. Siyazi Wena ulapha, Nkosi. Unguye izolo, namuhla, naphakade.

157 Futhi manje sengathi lababantu onoPhawu, ukuthi sebedlulile ekufeni bangena ekuPhileni, sebeguqukile empilweni endala yezwe baya kwentsha. Bakwenzile. IGazi selibheciwe; futhi, Nkulunkulu, baphe isibonakaliso soPhawu. Sengathi bangathatha loloPhawu ezandleni zabo, labo kogulayo, bathi, "Ngingumkhiqizo othengiwe kaNkulunkulu. NgikuKristu, futhi kuYe akukho kugula. NgikuKristu, futhi kuYe akukho sono. NgikuKristu, futhi kuYe akukho kungakholwa. Ngilahla konke udeveli angitshele khona. Ngithatha uPhawu lwami ukuthi okwami. . . 'Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zami; Yachotshozwa ngobubi bami; isijeziso sasiphezu kwaYo ukuba ngibe nokuthula; nangemivimbo yaYo ngiphilisiwe mina.' Namanje ngibamba uPhawu, ukuthi uNkulunkulu usengivumile, leyonhloso, uMuntu, ngithengwe ngeGazi leNkosi uJesu. Futhi ngibamba uPhawu lokufa kwaKhe ezandleni zami, ngoba Uvukile futhi, futhi ngingowaKhe naYe ungowami. Ngihamba nokukholwa okuzimisele, ukuthi kusukela kulobubusuku kuqhubeke, ngiyamkholwa uNkulunkulu, futhi ngizophulukiswa lapho ngifika laphaya futhi ngihlangabezane nezindingakalo."

Ngoba, amaZwi okugcina awa ezindebeni zaKhe, kwakuyilokhu, "Uma bebeka izandla phezu kwabagulayo, basinde." Siphe khona, Nkosi. Sengathi intshisekelo ingahlala phakathi, lokhu ngikucela eGameni likaJesu. Amen.

Ngingakwazi, ngiyavuma, ngiyakholwa;
Ngingakwazi, ngiyavuma, ngiyakholwa;
Ngingakwazi, ngiyavuma, ngiyakholwa
Ukuthi uJesu uyangiphilisa manje.

O, ngingakwazi, ngiyavuma, ngiyakholwa;
Ngingakwazi, ngiyavuma, ngiyakholwa;

Cabanga nje, "Ngizimisele!"

Ngingakwazi, ngiyavuma, ngiyakholwa
Ukuthi uJesu uyangiphilisa manje.

158 Uyakukholwa lokho na? "Ngizimisele! Ngizimisele, ngomusa kaNkulunkulu, ukuthi angizukuma neze kuze kube lokho Okuthize kuyangishaya. Futhi ngenyukela lapho ukuba ngibekwe izandla."

Manje, uNkulunkulu akakaze ehluleke ngathi. Futhi ngikholwa ukuthi iNyanga enkulu manje iseduze. Ngikholwa wuNkulunkulu owaloba iZwi, ngikholwa wuNkulunkulu owenza umhlatshelo, ngikholwa wuPhawu lukaNkulunkulu olusihlanza esonweni kulobubusuku, uPhawu, ukuPhila kwaKhe Qho, kulapha kanye nathi. "Ngiyoba nani, kuze kube sekupheleni kwezwe. Kuseyisikhashana izwe lingabe lisaNgibona, kepha niyoNgibona nina, ngokuba Ngiyakuba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwezwe." Niyakukholwa lokho na? Ngethembela kuYe. Ngikholwa ukuthi Uzokwenza. Anikholwa na?

159 Manje, kuthi nje ngingaqala lokho, ngibona imibono iqhamuka, amen, imibono emikhulu yeNkosi, ikhuluma izinto ezinkulu. Amen! Uma ngiqala lokho, sizoba lapha ubusuku bonke. Nizokukholwa na? Niyakholwa na? Amen! Ngikukholwa ngenhliziyo yami yonke.

160 Inenekazi elincane lihlezi laphaya ukusuka kuMfowethu Palmer, liyisihambi kimi. Livela eGeorgia, futhi liphethwe yisifo sabesifazane. Uma lizokholwa ukuthi uNkulunkulu uzoliphilisa, Uzokwenza. Angikaze ngimbone owesifazane empilweni yami, kodwa yileyondaba ngaye.

161 Lowo wesifazane omncane, angazi noma sewake wawuzwa uMlayezo ngaphambili, noma qha, kodwa ngenkathi ngangishumayela lapha, ngimbonile. Vele ukukholwe nje futhi ubone uma kunjalo. Amen. Uma kuphela uzokholwa! Kunjalo.

162 Inenekazi elihlezi khona ngemuva lapha elinenkathazo yeqolo, lihlushwa kabi impela, igama lalo nguNkk. Wisdom. Uma uzokholwa ngenhliziyo yakho yonke, uJesu Kristu uzokusindisa. Angikaze ngimbone owesifazane empilweni yami, kodwa uhlezi lapho, ehlushwa. Ugqoke ingubo ephuzi. Ngabe kunjalo na? Kulungile. Ngabe siyizihambi komunye nomunye na? Yebo. Kulungile, mnumzane. Hamb'uye ekhaya, uphile. UJesu Kristu uyakusindisa. Amen.

163 Omunye wesifazane osanda kukubamba nje lokho, inkathazo yeqolo, uhlezi ngapha. Unenkathazo yeqolo. Unomfana, futhi unenkathazo yekhanda. E-hhe. Kunjalo. UNkk. Parker igama lakhe. Usukholiwe ngenhliziyo yakho yonke, noJesu Kristu uzoniphulukisa nobabili. Amen! Niyizihambi kimi. Kunjalo impela. Amen! Kholwa ngenhliziyo yakho yonke.

164 Nansi indoda esikhulile ihlezi ngemuva lapha ivela eMichigan. Inenkathazo ezindlebeni zayo. O, icabanga amaphimbo, inkathazo yokomoya. Ngabe kunjalo na? Ukholwa ukuthi—ukuthi . . . Awazi noma ngabe nguNkulunkulu, noma kuyini lokho okukhuluma kuwe. Uzwa imisindo ezindlebeni zakho. Ngiyisihambi ngokuphelele kuwena. Uma lokho kunjalo, phakamisa izandla zakho, futhi yilokho okwenzekayo. Ngeke kusaphinde kukuhluphe, uJesu Kristu uyakusindisa.

Uyayikholwa iNyanga enkulu na?

165 Ngizokhuluma nawe, kodwa, uvela eNorway, futhi awuqondi; ulimi lwesiNorway. E-hhe. Kulungile, mtshele aye ekhaya, ekholwa, dade, uma ukwazi ukulukhuluma. Mtshele ukuthi inkathazo yakhe yekhanda izomyeka. Manje, niyazi angimazi. Uze lapha evela eNorway, ukuba akhulekelwe. Buyela emuva, uyindoda ephilile. Amen.

166 O! "UJesu Kristu onguye izolo, namhlanje, naphakade!" Kuyini na? YileyoNsika yoMlilo. NguMoya oNgcwele. YiloloPhawu, ukuthi uJesu Kristu uyaphila. Futhi lapho abantu, kudala, beMbona enza lezozinto, Wawubona umcabango wabo ngoba UyiZwi. "NeZwi libukhali kunenkemba esika nhlangothi zombili, lahlulela imicabango nezizindlo zenhliziyo yabo." Amen.

167 Ngibone amanzi emenyezela, nalelibhungu elincane liza. Lezwa, futhi lafunda incwadi lapho, futhi labhala, ngesiNorway. Laqonda; ukhona umuntu owakhuluma nalo. Likhathazekile, kodwa, uma lizokholwa ngenhliziyo yalo yonke, iNkosi uJesu izolisindisa. Liqhamuka kude, futhi umfanyana bandla, kulokho, ezama ukufuzula. Futhi sizombeka izandla, emzuzwini.

168 Uyakholwa na? Amen! Kumangalisa kanjani! O, he! "INyanga enkulu manje iseduze." Dade, ukuphi lowoDadewethu Ungren, nalowo omunye udade opiyaneni na? Ngifuna uze khona masinyane, uma uthanda, futhi usiphe iculo, "LeyoNyanga enkulu manje iseduze, uJesu onozwelo."

169 Ngifuna abantu abakulesisikhala sezihlalo *lapha*, ofuna ukukhulekelwa, ngomusa yehlani ngakulelicala *lapha*, isikhala esisodwa nje sezihlalo ngesikhathi esisodwa. Mfowethu Neville, yenza lokho uma uthanda. Uphi uMfowethu Capps noma omunye walabo baculisi na? Kunjani ngoMfowethu Ungren, noma uMfowethu Capps, noma omunye, woza lapha, uzocula,

usihole kuleliculo uma uthanda. Ngabe uMfowethu . . . Uphi omunye walabo bafowethu? Kulungile. Kulungile, mnumzane, kuhle lokho. Kulungile. Wonke umuntu abe semkhulekweni!

170 Khumbulani, intshisekelo! Niyabona ukuthi intshisekelo izokwenzani na? Intshisekelo izokuqhubela ngapesheya kolwandle. Intshisekelo izokuqhuba ikususa kwelinye izwe. Intshisekelo izokuqhubela noma kuphi. Ubaba othandeka kakhulu omdala nendodakazi yakhe, benentshisekelo, bazamile ukungena, bangena, nakho konke okunye, base behlala phansi nakanjani; emizuzwini embalwa edlule uMoya oNgcwele uyethulile into lapha emhlanganweni, ngaphambi nje kokuba ngingene lapha. O!

> Ihubo lokuthokoza elimnandi kunawo onke asake aculwa,
> Jesu, Jesu obusisiweyo.
>
> INyanga enkulu manje iseduze,
> Onozwelo . . .

Nkosi Jesu, siphe, yizwa umkhuleko wenceku yaKho, Nkosi. Ngikhulekela ukuba Uhlangabezane nalowo ngamunye walaba futhi ubaphilise, ngenxa yeNkazimulo yaKho, eGameni likaJesu.

> . . . iphimbo likaJesu.
>
> Nothi elimnandi kunawo onke eculweni lamaserafi,
> Gama elimnandi kunawo onke olwimini lwabantu,
> O, hubo elimnandi kunawo onke asake aculwa.

Akuthi labo abashisekele manje, nina enaziyo ngempela ukuthi nizophulukiswa . . . Cabanga nje, ngokwazi kwami, ikhulu lamaphesente beli, kusukela ngeSonto eledlule ebusuku, baphilile kuleliviki.

> Onozwelo . . .

171 Qaphela, Uyeza. Niyabo, Usevele uniphulukisile. Uletha iZwi laKhe, UyaLiqinisa, Ukhombisa uBukhona baKhe. Akekho ongenza lezozinto ngaphandle kukaNkulunkulu. Niyakwazi lokho. Yisibonakaliso sikaMesiya. Futhi niyazi angisuye uMesiya, ngakho nguYe. Manje lapha Usefakazise yonke into kini.

Manje kufanele kuniphonse entshisekelweni. Kufanele kuyifake ugesi lendawo futhi kuthinte i . . . Qha, nje kube njengo—ngo—ngo—ngometshiso emphongolweni wempuqusi. Impela! Futhi kufanele kuqhumise ukukholwa, no—nothando nentshisekelo ibaqhube labo bantu bayongena ngqo eMbusweni kaNkulunkulu, ukuba bakholwe ngenhliziyo yabo yonke. Niyakholwa manje, nonke na? Kulungile. Manje, Billy, uyakuthola . . .

172 Tony, awungibheke kancane. Kade ngakugcina, kodwa uyagula. Uhlushwa yinto ethile enjengesihudo esinegazi. Kunjalo. Sizohamba. Sizokuyeka. Ngiyibonile leyonto imlandela, lapho eqala ukwedlula lapho. Akukho-nto engafihlakala kuNkulunkulu njengamanje. Angikaze ngibone . . . Sekuyizinyanga ngingamboni uTony, ngiqagele, kodwa ngiyabona unalokho. Ubenakho; akesenakho manje.

173 Asikhothamise amakhanda ethu. Kungabikho nelilodwa iso elizovulwa. Kungabikho nelilodwa iso elizobheka. Makuthi wonke umuntu abe semkhulekweni. Futhi uBilly Paul noma uMfowethu Neville, oyedwa, uzobiza imigqa elandelayo uma sekufika isikhathi. Manje wonke umuntu emkhulekweni. Sizozama manje; esikhaleni sezihlalo esiphakathi naphakathi uzoza ngasesandleni sakho sokunxele lapho ubizwa, futhi ngakho i—isikhala sezihlalo esingakwesokunxele *ngapha* uze ngakwesokunxele sakho lapho ubizwa. UMfowethu Neville uzokubiza.

Manje, angazi noma ukhona kubazalwane lapha ongathanda ukuma lapha ukuba abeke izandla phezu kwalababantu lapho beza ngapha, kanye nami na? Noma yimuphi owenu bafowethu eningabefundisi, nemukeleke ngempela ukuba nize futhi nime kanye nami uma nifuna ukukwenza. Akusiyona into eyahlukaniselwe oyedwa. Ninelungelo lokukhulekela abagulayo ngokufanayo njengami.

Ngiyazi uMoya oNgcwele ulapha. Wonke umuntu ongekukholwe lokho, kukhona okuliphutha kubo.

174 Kulungile, asikholwe manje ngazo zonke izinhliziyo zethu, ukuthi uNkulunkulu uzosipha lezizinto esizicelayo. Yibani nokukholwa manje. Ningangabazi.

Futhi wonke umuntu akhuleke, omunye akhulekele omunye. Lathini iBhayibheli na? "Sivume izono zethu komunye nomunye; sikhulekele o . . . "

175 Nani bantu eniza emgqeni, lapho nje sezinithinta lezizandla, nivele niphume lapha nijabule nje futhi nidumisa uNkulunkulu ukuthi seniphulukisiwe.

Kulungile, wonke umuntu emkhulekweni manje ngenkathi uMfowethu Capps ehola amaculo.

Nkosi Jesu, manje sisize. Ngiyakhuleka, ngeGama likaJesu Kristu, ukuthi uMoya oNgcwele uzothinta umuntu ngamunye, futhi sengathi bangaphulukiswa njengoba silandela imiyalo yaKho ngokubeka izandla phezu kwabagulayo. Wena wathi, "Bayosinda." Siyakukholwa, Baba, eGameni likaJesu. Amen.

Kulungile, wonke umuntu emkhulekweni manje njengoba siqala ukukhuleka. Kuqala, ngumfanyana ogulayo osesihlalweni samasondo.

Ukubeka izandla phezu komntwana, eGameni likaJesu Kristu, ukuze aphiliswe.

Yebo, mnumzane.

EGameni likaJesu Kristu . . . [Umugqa womkhuleko uhlala imizuzu eyishumi nesishiyagalombili, amazwi kaMfowethu Branham awaqondakali—Umhl.] . . . ? . . .

> Ihubo lokuthokoza elimnandi kunawo onke
> asake aculwa,
> Jesu, Jesu obusisiweyo.

176 Bangaki kini abakholwayo ukuthi uNkulunkulu usekwenzile, uqinisekile enhliziyweni yakho, nesiqiniseko esibekwe uphawu, ukuthi uNkulunkulu usesiphendulile isicelo sakho ngoba ulilalelile iZwi laKhe na? Sekwenziwe. Sekuphelile. Se—sekwenziwe. Mkholwe ngenhliziyo yakho yonke, ukuthi sekungumsebenzi osuqediwe.

177 Manje qaphela leliviki, futhi lapho ubuya futhi, qaphela ukuthi kwenzekeni.

178 Ngiyethemba, ngesikhathi esilandelayo sengibuya, iNkosi ivuma, ngizobe ngibambe umugqa wabakhulekelwayo kwenye yalamagumbi, kuleligumbi elincane engizobayisa kulo, niyabo. Ngikholwa ukuthi kuyasombuluka manje, niyabo, ihora.

179 Ngifuna ukufika lapho engingangenisa khona abantu ngamunye ngamunye, ngibhekane nabo ngamunye, ngize ngikuhlolisise bese ngikuthola, bese kuthi-ke ngiqhubekela phambili kanjalo, ngize ngihlale nabo ngqo ngaleso sikhathi.

180 UNkulunkulu anibusise nonke. Sijabula kakhulu ukuthi benilapha. Ngabe ninakho . . . ? Ngabe niyaphikelela manje na? Ngabe ni . . . ? Ngabe nisentshisekelweni, intshisekelo yenu ebeninayo yokuphulukiswa kwenu na? Ngabe konke sekunqamukile manje, othandweni nokukholwa nokwethemba ukuthi uNkulunkulu uzokwenza lokho Athembise ukukwenza na? UNkulunkulu uzokwenza.

Kusukela kubo abantwana abancane, kukhona ababili noma abathathu babo lapha kulobubusuku, ezihlalweni zamasondo, ngi . . . Sizobakholelwa, bangabantwana, ukuthi bazophulukiswa, nabo. Bazophila. Anikukholwa na? Amen! "Bayosinda." Bazokwenza. UNkulunkulu washo njalo. Futhi sishisekele, futhi sizokukholwa manje, ukuthi kuzokwenziwa.

181 Manje, izinkonzo zethu nje zimbandakanya into eyodwa elandelanayo ngqo. Manje sizokhulula izethameli kulabo abazodingeka bahambe. Futhi ngokubona kwami impela, sekuthi akube yimizuzu eyisishiyagalombili kube ngeleshumi nqo. Futhi, uma nizodingeka nihambe, si—siyajabula ukuthi benilapha, futhi sifuna nibuye nibuye nibe kanye nathi. Nonke, emva kokuba sesimile, sizobuye sihlale futhi; futhi labo abahambayo, hambani ngokuthula impela okunokwenzeka.

Sizobe-ke sesiba nenkonzo yesidlo masinya emva kwalokho. Uyamenywa ukuba uhlale uma ungaphumelela. Uma ungeke, uNkulunkulu akubusise. Ningikhulekele. Ngizonikhulekela. Futhi, khumbulani, gcinani uPhawu lubheciwe, futhi nishisekele ukufuzula niye eMbusweni kaNkulunkulu. Amen!

Manje sizocula iculo lethu lokusikhulula, uma singakwazi, futhi, *Hamba NeGama LikaJesu*, njengoba sima.

> . . . Gama likaJesu nawe,
> Mntwana wokudabuka nowosizi;
> Liyakukunikeza injabulo nentokozo . . . (Ungaziletha manje.)
> . . . Lona noma uyakuphi.
>
> Gama eliligugu, (Gama eliligugu!) O limnandi kangaka! (O limnandi kangaka!)
> Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu;
> Gama eliligugu, O limnandi kangaka! (Limnandi kangaka!)
> Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu.

Xhawulanani, nithi, "INkosi ikubusise, mfowethu oyisihambi, dade." Ngokujulile, ngobuqotho, ngenhlonipho yokuzithoba, nabangane abangamaKristu egodeni lokuhlanganyela, xhawulanani, umfowethu nodade. UNkulunkulu anibusise nonke, kanye kanye. Kuyamangalisa!

> Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda
> Ngoba Wang'thanda kuqala
> Futhi wathenga insindiso yami
> Emthini waseKalvari.
>
> Size sibonane! size sibonane!
> Size sibonane ezinyaweni zikaJesu; (Size sibonane!)
> Size sibonane! O, size sibonane!
> UNkulunkulu abenani size sibonane futhi.
>
> Size sibonane! size sibonane!
> Size sibonane ezinyaweni zikaJesu; (Size sibonane!)
> Size sibonane! size sibonane!
> UNkulunkulu abenani size sibonane futhi.

182 Lobubumnandi nokuhlanganyela koPhawu olukhulu lukaNkulunkulu, uMoya oNgcwele, sengathi Angahlala kakhulu nani nonke size sibonane futhi. Umusa kaNkulunkulu uhambe nani, nishaye izindlela zokufa phambi kwenu; nenza indlela yenu icace, ukuze nibone uJesu njalo phambi kobuso benu, futhi aniyikunyakaziswa.

183 Baba waseZulwini, sinikela lenkonzo, nenkonzo kulokhukusa, lezozinkonzo nalokho okwenziweyo, nalo lonke udumo kuWe, sinika Wena ukubonga nodumo ngokusindisa

abantu, nangokuphulukisa abantu, nokusipha umusa waKho omkhulu sonke esibheke kuwo. Sisindise. SiKubonga kakhulu ngalokhu. Yiba nathi manje size sibonane futhi. Hlangana nathi esidlweni. Yiba phezu kwesondo lalabo abashayelayo, Nkosi, beya emakhaya abo. Baqondise bedlule kuleli amaholide okungacabangi, ukuthi akukho kulimala nangozi engabehlela. EGameni likaJesu Kristu siyakucela. Amen.

Kulungile, *Hamba NeGama LikaJesu* futhi manje.

Thatha . . . Gama likaJesu . . .

Niyakhululwa manje, eGameni.

. . . nawe,
NjengeSihlangu kubobonke onoxhaka;
Uma izilingo zikuzungeza . . . (Wenzenjani-ke?)
Vele nje uphefumule leloGama eliNgcwele ngomkhuleko.

Gama eliligugu, (Gama eliligugu!) O limnandi kangaka! (O kumnandi kangaka!)
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu;
Gama eliligugu, (Gama eliligugu!) O limnandi kangaka! (Limnandi kangaka!)
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu.

NgeGama likaJesu siyakhothama,
Siwa sikhuleka ezinyaweni zaKhe,
INkosi yamakhosi eZulwini siyoYiqhelisa,
Lapho uhambo lwethu selufeziwe.

Gama eliligugu, O limnandi kangaka!
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu;
Gama eliligugu, O limnandi kangaka! (Limnandi kangaka!)
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu.

184 Manje ngaphambi nje kokuba nihlale phansi, ngenkathi isixuku sisathula manje mayelana nenkonzo yesidlo.

Uma ngingaphosisi, akusuye uMfowethu Blair lona, umfundisi engabonana naye ngale e-Arkansas esikhathini esingeside esedlule na? Bengicabanga ukuthi bekunguye. Bengingenasiqiniseko. Ubuphezulu lapha ekubusisweni komntwana, omncinyane, kulokhukusa. Ngicabange . . . Asizange sibonane nawe esikhathini esingeside esedlule, lapha eHot Springs, eArkansas? Nawe wawuyi . . . Kukhona okwakuzokwenzeka, noMoya oNgcwele wakusho. Ngabe kwakunjalo na? Kuhle. Ngivele . . . Kwenzekile ngacabanga emuva ngalesosikhathi, ngacabanga, "Lowo yilowomfowethu." Ngiyajabula kakhulu ukuthi ulapha, Mfowethu Blair.

185 Manje ngizocela uMfowethu Blair ukuba akhuleke kuNkulunkulu ukuba asenze sihlanzeke manje ukwenzela isidlo esilungiselelwa ukuthathwa. Uzokwenza, Mfowethu Blair na?

[UMfowethu Richard Blair uyakhuleka—Umhl.] Yebo. Yebo, Nkosi. Siphe khona, Nkosi. Yebo, Nkosi. Yebo, Nkosi. Yebo, Nkosi. Yebo. Yebo. Amen.

Ningahlala phansi manje, yilowo nalowo.

186 Futhi manje kwi-ogani, dade, uma nonke ningashaya elithi *Kukhona UMthombo Ogcwaliswe NgeGazi*. Futhi ungaqala okwakho . . . base lapho, noma yini edingekayo. Kulungile, ukufunda manje, uma nje sizoba . . . sithule nje isikhashana.

Yebo, dade? [Udade uthi, "Awungitholele isayiduku lami?"—Umhl.] Kulungile, dade, licinge nje lapha uze ulithole, kuzobe sekulungile-ke, noma yini elapho. Yilo na? Kulungile, dade.

187 Kulungile, manje uMfowethu Neville uzofunda umyalo wesidlo.

Bazobe-ke sebeza abangenisi, uma kukhona abayizihambi lapha, esihlalweni ngasinye, futhi nisingenise esikhaleni ngesikhala sezihlalo, njengoba siza, futhi umugqa ngomugqa, senzele isidlo.

188 Futhi manje sengathi ningazindla manje. Khumbulani, u-Israyeli usidla entshisekelweni, futhi phakathi nohambo akubanga bikho noyedwa owayebuthakathaka phakathi kwabo, ekupheleni kwamashumi amane eminyaka. Lokhu ngukuphulukisa ngokukaNkulunkulu, futhi.

INkosi ikubusise, Mfowethu Neville. [UMfowethu Neville ufunda kwabaseKorinte bokuQala 11:23-32—Umhl.]

> [*Ngokuba mina ngakwamukela eNkosini lokho nenganinika khona, Ukuthi iNkosi uJesu ngalobobusuku akhashelwa ngabo wathabatha isinkwa:*]
>
> [*Wabonga, wasihlephula, wathi, Thabathani, nidle: lokhu kungumzimba wami, ohleshulelwe nina: lokhu kwenzeni ukuba ningikhumbule.*]
>
> [*Kanjalo wathabatha nesitsha, emva kokudla kwakusihlwa, wathi, Lesisitsha siyisivumelwano esisha egazini lami: lokhu kwenzeni, ngezikhathi zonke enisiphuza ngazo, ukuba ningikhumbule.*]
>
> [*Ngokuba njalo nxa nidla lesisinkwa, niphuza lesisitsha, nibonakalisa ukufa kweNkosi ize ifike.*]
>
> [*Ngakho-ke lowo ozakudla lesisinkwa, aphuze lesisitsha seNkosi, ngokungafanele, unecala lomzimba negazi leNkosi.*]
>
> [*Kodwa umuntu akazihlolisise, khona-ke akadle lesosinkwa, futhi aphuze lesositsha.*]

[*Ngokuba odlayo futhi aphuze ngokungafanele, uzidlela futhi aziphuzele icala, uma engawehlukanisi umzimba weNkosi.*]

[*Ngenxa yalokhu baningi phakathi kwenu ababuthakathaka nabagulayo, nabaningi balele.*]

[*Kepha uma besizahlulela thina, besingayikwahlulelwa.*]

[*Kepha nxa sahlulelwa, siyalaywa yiNkosi, ukuze singalahlwa kanye nezwe.*]

[INkosi ibusise ukufunda, iZwi.]

189 Ngibamba isinkwa esihlanzekile, sishwabene futhi sihleshuliwe, simele umzimba kaJesu Kristu; nga— ngalendwangu eklebhukileyo esinokungena ngayo kwiNgcwelengcwele yezingcwele.

190 Baba wethu waseZulwini, lesisinkwa silungiselelwe ukumela lowomzimba ohleshuliwe wadatshulwa. Sengathi kungaba yilowo nalowo wethu, njengoba sisemukela, sengathi kungaba sengathi sisenze ngokwangempela lesisenzo. Futhi sengathi singaba nokuthethelelwa kwezono zethu, nokungena kwiNgcwelengcwele yezingcwele, ukuba siphile eBukhoneni baKho empilweni yethu ezayo; nazo zonke izinsuku esizoziphila lapha emhlabeni, futhi sibe naWe ePhakadeni ingunaphakade. Siphe khona, Baba. Busisa lesisinkwa ngaleyonhloso esihloselwe yona. EGameni likaJesu. Amen.

191 Bhayibheli lathi, "Emva kokuba Esethabathe futhi wahlephula isinkwa, kanjalo Wathabatha isitsha; emva kokuba Esedle ukudla kwakusihlwa, ethi, 'Lesi yisitsha sesiVumelwano eSisha eGazini laMi, elichithelwe nina.'" Sengathi iNkosi ingasipha izibusiso zaYo phezu kwalokhu njengoba sikhuleka.

192 Nkosi Jesu, ngibamba lapha igazi lomvini, amanzi aphuma egilebhisini. Futhi, Baba, kungokokuba kumele leloGazi eliligugu elisihlanzayo, ukuthi kusukela Lapho kwavela uPhawu. NgiyaKubonga ngaLo, Baba, nangalesisifanekiso. Wathi, "Lowo odla aphuze Lokhu unokuPhila okuphakade, futhi Ngiyakumvusa futhi esikhathini sokuphela." SiyaKubonga ngalesisethembiso. Futhi, Baba, sikhulekela ukuba Uhlanze izinhliziyo zethu, kanyekanye, ukuthi sizoba ngabafanelekile ngo . . . ukukholwa kwethu; sazi ukuthi phakathi kithina asifanelekile, kodwa ukukholwa kwethu akuzukwehluleka, ukuthi semukela ngokuphelele iGazi likaJesu Kristu. Siphe khona, Baba.

193 Futhi ngcwelisa iwayini ngenhloso elihloselwe yona. Sengathi lowo ophuza leliwayini kulobubusuku, futhi athathe okwalesisinkwa, abenamandla ohambo olusasele. Siphe khona, Nkosi. Sengathi bangaba nempilo futhi baqine, futhi bagcwaliswe ngoMoya waKho, uJesu aze afike. Amen.

194 [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Ngikholwa ukuthi iSidlo singesinye sezinkonzo ezinesizotha, ezingcwele, ezimnandi kunazo zonke ezikhona enkonzweni yebandla. Kwakukhona izinto ezimbili ezisishiyele, izinto ezintathu, ukwenza, lokho—leyo yimithetho nezimiso. Abantu abaningi bazama ukuthi, "Sithole isipikili sokuqala." "Sithole ucezu lwesiphambano." Kodwa kwakusele izinto ezintathu: iSidlo seNkosi, umBhaphathizo, ukugeza iziNyawo, kwakuyiziyalo ezintathu ezazishiyelwa ebandleni.

195 Futhi kimi, kulobubusuku kubonakale kuyisikhathi esikhethekile kakhulu kimi. Njengoba ngimi lapha ngibuka nje; ngokuvamile ngi—ngihlala njalo ngisemkhulekweni. Kodwa kulobubusuku, ngibuka imindeni eyahlukene, ukubona eminye yaleyomindeni efikile lapha kusukela ngisengumfana ongumshumayeli, ngime lapha nemvithi yamapulangwe phansi, futhi mina . . . ezinye zazo zintsha. Kodwa ukubuka amadoda eza namakhosikazi awo amancane nomndeni, futhi nibone ukuthi bakhethana kanjani, kanye nobungcwele balokho, ukuthi bababheka kanjani abantwana babo; bheka inenekazi elincane nezandla zalo zelula, futhi licabange, "Leso sandla esincane sigeziwe, futhi sesula izinyembezi emehlweni engane."

196 Ngase ngibona imindeni ikhuphuka engangikade ngisemakhaya ayo ngenkathi igula, nomkhuhlane, abantwana; iNkosi uJesu yenza abantwana babo baphile. Ngibabonile ngenkathi benenkathazo yomndeni, iNkosi yangisiza ukuba ngiyilungise; ngibabone bejabule futhi. Futhi ngiyacabanga nje ukuthi kuzoba njani uma siya kulesoSidlo soMshado sakusihlwa esikhulu. Ngibonga kakhulu ngokuthi iNkosi ingenze ngaba umngane wakho futhi nginisize. Ngi . . . yilokho engize ngakho lapha.

197 Futhi mina, cabanga nje ukuthi isikhathi eside kangakanani, iminyaka emingaki; lokhu cishe, ngaqala ukushumayela, cishe ngo 1930, futhi lena cishe iminyaka engamashumi amathathu-nambili kimi, manje, iminyaka engamashumi amathathu-nantathu, bengishumayela. Khona-ke, yonke imizabalazo nezilingo futhi, kubukeka sengathi, noma kunjalo, lapho—uma senyukela lapha, khona—khona konke sekukhohlakele. Niyabo? U—ubonakala sengathi kukhona okuthize ngeSidlo okuthatha konke—konke ukusonteka kwezinto, ukuthatha iSidlo. INkosi ikubusise.

198 Ilunga manje liyahamba, lifunde umBhalo wenkonzo yokugezwa kwezinyawo.

199 [UMfowethu Neville ufunda uJohane 13:2-17, bese evala inkonzo—Umhl.]

> [*Kwathi sesiphelile isidlo sakusihlwa, udeveli esefakile enhliziyweni kaJuda Iskariyothe, indodana kaSimoni, ukuba amkhaphele;*]

[*UJesu ekwazi ukuthi uYise unikele zonke izinto esandleni sakhe, nokuthi uvela kuNkulunkulu, waya kuNkulunkulu;*]

[*Wasukuma esidlweni, wabeka izingubo zakhe; wathatha ithawula, wabhinca.*]

[*Emva kwalokho wathela amanzi endishini, waqala ukugeza izinyawo zabafundi, futhi azesule ngethawula ayelibhincile.*]

[*Khona-ke waya kuSimoni Petru: futhi uPetru wathi kuye, Nkosi, ingabe wena ugeza izinyawo zami?*]

[*UJesu waphendula wathi kuye, Engikwenzayo awukwazi manje; kodwa uzokwazi emva kwalokho.*]

[*UPetru wathi kuye, Kawusoze wageza izinyawo zami. UJesu wamphendula wathi, Uma ngingakugezi, awunasabelo nami.*]

[*USimoni Petru wathi kuye, Nkosi, kungabi izinyawo zami zodwa, kodwa nezandla nekhanda lami.*]

[*UJesu wathi kuye, Osegeziwe kasweli lutho ngaphandle kokugeza izinyawo zakhe, kodwa lihlanzekile lonke: nihlanzekile, kepha hhayi nonke.*]

[*Ngokuba ubemazi oyakumkhaphela; ngakho wathi, Kanihlambulukile nonke.*]

[*Esezigezile izinyawo zabo, wathatha izingubo zakhe, wabuye wahlala phansi, wathi kubo, Niyakwazi yini engikwenzile kini na?*]

[*Ningibiza ngokuthi Mfundisi neNkosi: nisho kahle; ngokuba nginjalo.*]

[*Uma-ke mina, iNkosi noMfundisi wenu, nginigezile izinyawo; nani nifanele ukugezana izinyawo.*]

[*Ngokuba ngininike isibonelo, ukuba nenze njengalokho ngenzile kini.*]

[*Ngiqinisile, ngiqinisile, ngithi kini, Inceku ayinkulu kunenkosi yayo; futhi othunyiweyo mkhulu kunalowo omthumileyo.*]

[*Uma nazi lezizinto, nibusisiwe uma nizenza.*]

[Kwangathi iNkosi ingabusisa ukufundwa kweZwi laYo.]

[Bonke abazohlanganyela, amadoda azogeza izinyawo kulelikamelo, ngapha; namanenekazi azogeza izinyawo ekamelweni elingakwesobunxele, ngapha, ekamelweni elincane lombhaphathizo. Ngijabule kakhulu ukubona abaningi abangathanda, nabangakwazi, ukuza bahlanganyele nathi kulokhu kugezwa kwezinyawo.]

[Singama ndawonye? Kulabo okumele bahambe.]

[Siyaphinda futhi sithi sibonga kakhulu futhi sibonga kakhulu phambi kukaNkulunkulu ngalolu suku oluhle, lokho kube isikhuthazo ezinhliziyweni zethu, ekuboneni uBukhona obukhulu nobunamandla bukaNkulunkulu wethu ukungena phakathi kwethu ukuba lapha ukuze asikhuthaze futhi asibusise.]

[Njengoba sikhothamisa amakhanda ethu ndawonye, sizocela uMfowethu Earl Martin uma engabakhulula labo abadinga ukuhamba.]

